# *Inkolo KaJezebeli*

Asibe silokhu simile umzuzwana nje, sisanika uNkulunkulu ukubonga ngalokhu. Asikhothamise amakhanda ethu.

Baba oNgcwele nonomusa, Nkulunkulu, sijabula kakhulu ukuthi Ungu—nguNkulunkulu, nosizo impela ngesikhathi senkathazo. SiyaKubonga ngalokho Osenzele khona. Nje ngeke sezwakalisa, ezinhliziyweni zethu, ukuthi sikuthokozela kanjani lokhu, nokuthi Uza kanjani ekusitakuleni uma sisenkathazweni. Sifundile, iminyaka, ukwethemba Wena nokuKukholwa.

Futhi ngiyakhuleka, kulentambama, Nkosi, ukuthi Uzothululela izibusiso zaKho phezu kwalababantu. Kwangathi kungebebikho-muntu obuthakathaka phakathi kwethu uma lenkonzo isiphelile. Uma engabakhona oyedwa phakathi lapha ongalungisene noNkulunkulu, kwangathi Amandla avusa uJesu ethuneni, angaphilisa imizimba yabo efayo, Nkosi, nomphefumulo wabo, futhi ubaphendulele kuWe. Siphe khona, Nkosi. Labo abangenaye uMoya oNgcwele, kwangathi lolu kungaba wusuku olulodwa olukhulu abangasoze balukhohlwe, ngokuba kwangathi kungaba wusuku uNkulunkulu athululela uMoya waKhe phezu kwabo. Siphe khona, Nkosi. Thethelela izono zethu.

Sizokhulekela ukuthi Uzobusisa uMfowethu Sullivan, umngani wethu onomusa noligugu, nemicabango yakhe ngabantu, nokuzama ukubalethela konke okunokwenzeka angaphumelela kukho, ukubasiza. Ngikhulekela ukuthi Uzobusisa uMfowethu Sullivan.

Busisa abefundisi ezweni lonke, ndawo zonke. Baphe okwedlulele okuningininingi, Nkosi. Kwangathi bangama bengamaqhawe epulpiti futhi bamemezele iZwi likaNkulunkulu, ngokuba siphila emahoreni okuvala omlando walelizwe. Makuthi ububele baKho busisibekele ngalezizikhathi. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Ningahlala phansi.

Ngibonga kakhulu kini bantu njenga, kuNkulunkulu, ngalokhu. UMfowethu Sullivan uzethwese khona yena. Niyabo, bekungeke kube kuhle ukuba uMfowethu Sullivan enze lokho, ngakho besilungiselelwe ukuba sikulungiselele. Siyakubonga ngomusa wakho.

2 Futhi, manje, oko—okomnikelo wothando, ku. . . ubungadingeki ukuba wenze lokho. Qhabo, lokho bekungadingekile. Niyabo, nje. . . bakhokhela izindleko, ihhotela nokudla, ebesinakho, futhi yilokho nje obekudingekile. Kodwa ngiyabonga, ngomusa impela, futhi uzoya kosiza

isithunywa senkolo nokuletha abantu kuNkulunkulu. Ngeke kubebikho osikilidi abathengwa ngawo, noma yimuphi ugologo, lutho olungalungile, uyosebenza into efaneleyo. Futhi ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzokufaka lokho kwi akhawunti yakho phezulu lapho, futhi akuphindaphinde ngezinkulungwane eziyishumi, idola ngalinye, noma—noma upeni, noma utiki owunikele oqondene nalenkonzo.

3 Futhi, manje, ngifuna ukubonga uMbutho wase United States ngokusivumela sibe nalendlu ukuba sihlale kuyo, ukuba sibe nalezizinkonzo. Ngibabonga ngempela ngayo yonke inhliziyo yami.

4 Futhi njengoba ngiqonda, uMfowethu Sullivan uthe yonke into izokhokhelwa kahle. Asikaze sishiye idolobha okwamanje, sikweleta isente elilodwa, yonke into ibinakekelwa; asikholelwa nje kunoma yini enye. Akufanele ukwelete-muntu, ufanele uqonde uthi nqo. Futhi uma ukweleta umuntu, hamba ubhekane nabo futhi ubatshele ukuthi uyabakweleta, kodwa nje bakunike isikhathi esincane, futhi uzoyikhokha. Niyabo? Njalo, leyo ngengcono . . . Lolo wuphawu oluhle lobuKristu: ngokwethembeka, uqonde.

5 Ufuna ukuphila ngakho nje okhuluma ngakho. Uma ungakuphili wena uqobo, ungalindela kanjani ukuba omunye umuntu akuphile, uyabo. Ngakho niyizincwadi ezilotshiwe, ezifundwa ngabantu bonke, ngakho thembeka njalo, nje, ngeqiniso. Khuluma iqiniso, akunandaba ukuthi kuyilimaza kanjani into ethize. Khuluma iqiniso, noma kanjani, ngoba ungalikhuluma njalo ngendlela efanayo ngaso sonke isikhathi. Futhi uma ukhuluma amanga, uyofanele uhambe amamayela ayisigidi ujikeleza, futhi uyobe ulokhu usabuyela kulawomanga futhi; futhi nje wenze into embi kabi. Thembeka nje, futhi ungalikhuluma njalo ngendlela efanayo ngoba yiqiniso.

6 Kungaleyondlela ngeBhayibheli. Likhulume ngendlela nje iBhayibheli elilisho ngayo, ungaxegisi ngalo, lisho nje ngaleyondlela, nje . . . kulotshwe khona lapha futhi—futhi ungalikhomba ngomunwe wakho. Li—li . . . yileyondlela ohlula ngayo uSathane. USathane wathi kuJesu, "Uma UyiNdodana kaNkulunkulu, asiKubone wenza isimangaliso. Bathi Wena ungu 'msebenzi wezimangaliso.' Guqula lawamatshe abe yizinkwa, futhi asibone. Ulambile."

7 Wathi, "Kodwa kulotshiwe, akusinkwa sodwa uMuntu ayakuphila ngaso." Niyabo? Wathatha iZwi likaBaba wayesemehlula udeveli, khona impela ezinkundleni zakhe uqobo. Ngakho nawe ungenza into efanayo, wehlule udeveli ezinkundleni zakhe, ngeZwi leNkosi.

8 Manje-ke, ngiyohlala njalo ngimbonga uMfowethu Sullivan. Lena yi . . . Ngiyaxolisa ngalesisisho: ngicabanga ukuthi ngenkathi benza uMfowethu Sullivan ukuthi Wavele nje

walilahla iphethini. Akekho onjengaye. Iyodwa kuphela indoda engake ngahlangana nayo empilweni yami eyangikhumbuza ngoMfowethu Sullivan, lowo kwakungu E. Howard Cadle. Angazi noma wake wamazi noma qha, wase—wase... UMfowethu Cadle wayengumfana omdala nje olungile wasemaphandleni njengoMfowethu Sullivan. Futhi wayehlohla izandla zakhe phansi emaphaketheni akhe kude kwakuze kuthi izinto zakhe zokubamba amasokisi zidonsekele ezansi le, futhi akhulume eswaye ikhanda lakhe, futhi nje wayengu E. Howard Cadle oyedwa. Futhi ngakho ngi—ngijabula kakhulu ukuba noMfowethu Sullivan njengomngani nomfowethu eVangelini. Futhi ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzombusisa nebandla lakhe elincane enhla lapha, umkakhe oligugu, abathandekayo bakhe.

9 Nakini, abanye abefundisi olapha, kini nenhlangano yebandla lenu, abashumayeli beFull Gospel, phezu kwezinto ezincane zemisebenzi zomBhalo singevumelane. Angivumelani nomkami kwezinye izinto. Futhi niyazi ukuthi lokho kuphezu kwani? Uthanda uphaya wama apula nami ngithanda owamasheri, ngakho asivumelani. Futhi ngiyanitshela ukuthi ngenzani ngowami: ngithanda omnandi uphisi oshisayo kaphaya wamasheri (bengingawumela khona manje) bese ngithela ibhotela ngaphezu kwawo, bese-ke ngithela utiligi ngaphezu kwalokho; futhi, mfowethu, unento ethize efanele ukudliwa! Umkami uyawesaba. Ngicabanga ukuthi wesaba izilinganiso zamandla okudla okufudumeza umzimba. Angahle awuthande, kodwa niyazi ukuthi abesifazane banjani, bayesaba... Bazaca kakhulu ungabahlaba ngophini futhi ubasike kuyofika ethanjeni, futhi nokho bafuna uku—bafuna ukwehlisa. Leyo yimvelo yabo, ngiqagele, ngakho kukhona i...Futhi, kodwa ngiyawuthanda lowo. Manje, asivumelani phezu kwalokho, kwezinye izinto sikahle. Kodwa, niyabo, asikho ngokuphelele ekuvumelaneni. Ngakho besingabona into efanayo, bazalwane, kodwa into enkulu, sidla uphaya, yileyo into enkulu.

10 Ikakhulu, phezu kombhaphathizo kaMoya oNgcwele, nokufika kukaKristu, nokukhulu kwevangeli, izimfundiso eziqavile zeBhayibheli, simi impela ingalo nengalo nalokho. Njengabazalwane ababodwa abakhulu abahlangene, ngaphandle komgoqo wobuhlelo, ngaphandle kwanoma yini eyokusivimbela, simasha siqonde eKalvari njengempi enkulu eyodwa, ndawonye.

11 Uma ngingake njalonjalo ngibe ngowanoma yiluphi usizo kini, ngizojabula ukukwenza. Futhi ngineqiniso beningasho into efanayo kimi. Futhi ningaba wusizo kimi. Futhi yileyonto eyodwa eningayenza, engiyaziyo, ngukuba ningikhulekele, ukuthi uNkulunkulu akasoze angiyeka ngihambe ngephutha. Ngi—ngi—ngi...Akukho enhliziyweni yami ukuhamba ngephutha, ngi—ngifuna ukuhamba ngokufaneleyo, ngifuna

ukwenza lokho okufaneleyo. Ngoba ngiyaqonda, njengoba uMfowethu Jack Moore wangitshela ngesinye isikhathi, wathi, "Mfowethu Branham, ngeke ngama emabhuzwini akho ngaso sonke isehlakalo sakho, ngoSuku lokwaHlulelwa, ngoba uNkulunkulu uzofuna kuwe impendulo enkulu," wathi, "ngoba Ukunike izigidi zabantu esandleni sakho."

12 Manje, uma ngazi ukuthi ngizoma lapho futhi ngiphendule ngalabobantu, manje-ke nhloboni yeVangeli okufanele ngilishumayele na? Nhloboni yobuqotho, uma ngiphethe ukuthengwa kweGazi laKhe ezandleni zami na? Futhi njengoba Enginika isiphiwo soku. . .ngale kwethunzi lokungabaza, noma yimuphi umuntu ocabanga ngokusile ubeyokwazi ukuthi kufanele kuvele kuNkulunkulu. Futhi ngalokho, uma bengingahola umuntu ngimyise endleleni engalungile ngoba nje iqembu elithize lisho lokho, uNkulunkulu ubeyongenza ngihlawule ngakho ngoSuku lokwaHlulelwa.

13 Kodwa ngenkathi ngibone umbono, lapha kungekudala, futhi ngabezwa labobantu bememeza kakhulu. . .Niyitholile incwadi yenu encane izolo ebusuku na? I—*iVoice* yoSomaBhizinisi. Leyo yinhle. Futhi embonweni. . .Ngesinye isikhathi sizoba nayo isishicilelwe ngomniningwane ogcwele; lokho akusikho konke okwayo. Kodwa kulokho, futhi ngibona lokho, ngase ngima lapho njengoba nje—njengoba nje ngimi khona manje. Futhi ngangizibuka ngilele lapho embhedeni, ngibhekisisa umkami, futhi nokho ngimi lapha ngizibuka. Futhi lapha kwakuyilabobantu bemi bezungezile kanjalo ngenkathi ngithi, "Ngabe uPawulu uzokwahlulelwa ngeVangeli alishumayela na?"

14 Bathi, "Yebo."

15 Ngathi, "Ngishumayele lonke iZwi ngayo impela nje indlela enza ngayo."

16 Nezigidi zamemeza kakhulu, "Siphumule kuLokho!"

17 Yileyondlela engifuna ukuba kube ngayo uma ngiwela lapho, niyabo. Ngifuna kube ngaleyondlela, kanjalo nje, lokho nje uPawulu akushoyo. Angifuni ukwenezela into eyodwa kuKho, ngisuse into eyodwa kuKho. Lokho nje iBhayibheli elakushoyo, yileyondlela nje engifuna ukukugcina kuhamba ngayo, niyabo. Futhi kusobala, kugcineni kanjalo, amahlelo macala onke lizovusa umgoqo omelene naKho.

18 Bese kuthi-ke, izikhathi eziningi, abazalwane bacabanga ukuthi ngimelene nabafowethu bakithi. UNkulunkulu wazi okwehlukile kulokho, inqobo nje uma Azi ukuthi yini eyiqiniso. Niyabo? Akumelene nabazalwane, yinqubo esenza singabi abafowethu. Akusilo iZwi likaNkulunkulu elisivimbela ukuba sibe ngabafowethu, yinqubo esiyijoyinayo kulokho esivimbela sibe ngabafowethu. Kunjalo. Ngakho, sifanele sime kuphi na?

Sime eZwini, noNkulunkulu uyodonsela bonke abantu kuLo (kunjalo) ku—kulokho. Ningakuhleli neze, nikwenze ihlelo, kugcineni nokho nje kuNkulunkulu, futhi nje nibe nilokhu niqhubekela phambili; nje nibhekisisa ukuphela, nibambelele ngqi, uNkulunkulu uyokuletha konke okunye kwakho.

19 Kube nezinto eziningi kakhulu eningenzele zona, engikuthokozelayo. Manje uma nginganisiza, ngasekuninikeni indwangu yomkhuleko noma okuthize. Manje, ningangibuzi imfundiso, ngoba a—angifisi ukwenza lokho. Abantu abaningi kakhulu ungibhalela imibuzo mayelana nomshado nesahlukaniso kanjalonjalo, okuyisihibe ebandleni. Ngihlala njalo ngibakhomba emuva, futhi ngithi, "Buza umelusi wakho."

20 Abantu ungibhalele izincwadi lapha futhi bathi, "Uthini nga *lokhu* na? Futhi uthini nga *lokho* na?" Ngiyikhomba emuva incwadi, nizokuthola. Bona umelusi wakho ezintweni ezincane ngoba, empeleni, ungumelusi wakho wezimvu. Ngu—nguye—nguye uNkulunkulu amthume ukuba akuqaphele. Futhi singahle singavumelani kukho, bese kuthi-ke lokho kubangela ukudideka ebandleni lakho. Asikufuni lokho. Qhabo! Qhabo! Sifuna nje niyeke ukwenza izinto eziyisono, izinto eziphuma eBhayibhelini, futhi nje niqhubeke nokuya ngakuNkulunkulu. Niyabo? Futhi uma nibanga ukungezwani okuncane nezinto ezinjalo, lokho kuchitha ibandla. Ngakho, ngingaqoka ukuba umelusi wakho akutshele ngomshado nesahlukaniso, na *lezi* izinto na *lezo* zinto, makwenziwe nguye. Uyinceku kaNkulunkulu naye, futhi ukuhlomele ukwenza lokho.

21 Niyamkhumbula umSamariya olungileyo owafumana umuntu elimele na? Wamngenisa endlini yezihambi (lelo yibandla) wayesenika umuntu lapho odenariyu ababili, wayesemtshela ukuthi uma wayedinga abanye ngaphezulu wayezomkhokhela uma efika. Ngakho, unodenariyu ababili, uyakwazi ukukunyanga uma engumuntu kaNkulunkulu. Uma engumuntu kaNkulunkulu oma eZwini likaNkulunkulu, u—unalokho uNkulunkulu amupha khona: uMoya neZwi. Kunjalo na? Sifanele sikhonze kanjani na? NgoMoya *na*ngeQiniso. NeZwi liyiQiniso. Kunjalo na?

22 Manje, nginibonga ngomusa impela, futhi. Futhi manje, ngikhathele kabi, futhi ngikhathele ngempela kulentambama, angihlosile neze ukuhlala kwelinye ihhotela uma nje ngisaphila. Iphathi enkulu yabadakiwe, futhi ubusuku bonke, beshaya iminyango futhi bedazuluka, nabesifazane. . . O! Ngavele nje ngahlala ngezinqe, ubusuku bonke. Yilokho kuphela. Futhi ngakho a—angihlosile neze ukuba nelinye ihhotela. Ngizoya ehhotela labashayeli bezimoto. Ngizozitholela itrakhi ukuze ngikwazi ukulala kulo, ngaphandle enkundleni ndawondawo. Ngizoyithola, ngizitholele ithende nesikhwama sokulala, noma

ndawondawo lapho engingaba khona ngedwa, ndawondawo. Kunjalo.

23 Sinesono kakhulu, lesisizwe, akumangalisi! Sesibe yikhekheba lezinyosi, futhi sabola kwaze kwayofika emnyombweni. Khona lapha enhla kwenye indawo, esifundazweni sakini . . . Akusiso lesisifundazwe kuphela, ndawo zonke. Khona enhla lapha, eminyakeni embalwa edlule, ngangise—semhlanganweni wezenkolo enhla lapha esifundazweni, idolobha elikhulu. Nangalobo busuku iqembu lezenkolo, ibandla lomthetho linamatshitshi namabhungu, babenengqungquthela. A—angizange . . . Sengike ngaba seAfrika phansi kwelumbo nayo yonke into, angikaze ngizwe lutho olunjengalokho. Nangokusa okulandelayo, (ngeke nganitshela ngqo, siyizethameli ezixubile) . . . kubekwe phansi, izinto zesimilo esibi ezazikade zenziwa, amabhodlela kagologo yonke indawo. Nalezozingane ezincane, abafana namantombazane ekamelweni elilodwa ubusuku bonke, bendawonye. Futhi ngokusa okulandelayo, u "fata ocwebileyo" ehlezi phandle lapho, nabo benyuka bemkhothamela kanjalo; phansi kweGama likaJesu Kristu!

24 Ngabe sengiyahlanya yini? Yini—yini indaba ngami na? Ngeke nje ngazimela lezozinto! Ku . . . kukhona okungidlikiza kungenze izicucu uma ngibona lokho. Ngabe lokho kuzomela iNkosi yami uJesu na? Enabadakiwe, iphathi yabanesimilo esibi nezinto ezinesimilo esibi e . . . isetshenzwa kulezozinsizwa nezintombi, kubekwe phansi nakobhasikidi bezibi, namabhodlela ne . . . O, he, bakithi! Ubungakubiza lokho ngokuthi ubuKristu na? Akumangalisi izwe lisesimweni esinesono. Awu, sithini isoni uma sibuka lokho na? Izinkulungwane zazo.

25 Lawomantombazane amancane edakwe ngangokuthi kwakul'khuni nokuthi akwazi ukusukuma, nasekamelweni ubusuku bonke nalabo bafana, nokuxoxa okungcole okwesabeka okwedlula konke osewake wakuzwa empilweni yakho. Ngabeka imicamelo phezu kwekhanda lami *kanje*, ukuba ngizame ukulala. Phandle kwiphansi lendlu, bedakiwe, futhi begijima behla benyuka phansi kanjalo, abezenkolo!

26 Manje, ngingabalindela lababantu abanezono kanjalo, manje, abazibiza ngezemidlalo, phandle lapha emdlalweni webhola eliqinile lerabha. Enye yezingane zami ebingaqala iye ngasolayinini omncane wokudlala ibhola eliqinile lerabha, bengingayixosha ezweni. Ehhe. Nibiza lokho ngokuthi umdlalo, lokho akusiwo umdlalo. Yini le . . . Uma ufuna ukuhamba kahle, hamba kahle noNkulunkulu. Qiniso.

27 Ngifuna ukunifundela, amazwi nje eBhayibhelini. Nithola leli amazwi ambalwa engifuna ukuwafunda lapha endikimba, atholakala esahlukweni 17 samaKhosi okuQala, ivesi 1.

> ...*Kuphila kweN*KOSI *uNkulunkulu kaIsrayeli, engimi phambi kwakhe, akuyikubakho-mazolo namvula* kul*eminyaka,...ngesiyalezo sezwi lami.*

AmaKhosi okuQala, 1 isahlu-...isahluko 17, ivesi 1.

28 Uma ngingakuthumelela indwangu yomkhuleko, noma ngasiphi isikhathi, ngibhalele nje; unobhala wami lapha, okhona manje, uMfowethu Maguire. Bangaki owake wabanayo indwangu yomkhuleko evela kithi na? Asibone isandla sakho. Sukuma Mfowethu Jim. Ngifuna ukubona e...wena, nomkakho futhi. Nangu unobhala wami nomkakhe, labo osebenzayo, owathumela...Lowo ngumfana nentombazane enithumelela izindwangu zenu zomkhuleko ezivela emhlanganweni, bobabili amaKristu azehlukanisele. Nephimbo, lelophimbo elincane elimnandi enilizwayo efonini uma ningishayela, yilelonenekazi elincane elihlezi lapho, umkakhe. Uyise nonina, nabo, balapha kanye nathi namhlanje; na—nabathandekayo, ndawo zonke. Ngakho...Futhi manje-ke niyamazi unobhala wami wasensimini, uMnu. Mercier, uMfowethu Leo Mercier, ulapha ndawondawo, noMfowethu Gene Goad. Futhi ngakho uma singanithumelela indwangu yomkhuleko, noma ngasiphi isikhathi, noma yini esingayenza, sinikhulekele efonini; noma yini esingayenza, sizoyenza.

29 Lendoda ebukeka ixakile nenduku esandleni sayo, ukunyathela kwayo kuhamba ngokuthulile, amehlo ayo ekhazimula iNkazimulo kaNkulunkulu, intshebe yayo ephephukela eceleni kuyo, isiqephu esidala semvu esinoboya izisonge ngaso, yayenza isinyathelo sayo ngamandla lapho ihamba yehla ngomgwaqo iya eSamariya. Yayingabukeki kakhulu kangako, kodwa yayino ISHO KANJE INKOSI walesosizwe esikhulu sakwaIsrayeli. Ya, uElija waseTishibi, umprofethi weNkosi. Wayengabukeki kangako, kodwa wayeneZwi leNkosi.

30 Wayengesabi ukuma phambi kwenkosi, ngokuba wayekade eseBukhoneni bomkhulu kunenkosi, wayekade eseBukhoneni bukaJehova. Ngakho-ke, wayazi lapho ayemi khona. Futhi ngenkathi ehamba phambi kwenkosi akankwankwazanga futhi angingize, wayekwazi ayekhuluma ngakho. Wayengathi enkosini, "ISHO KANJE INKOSI UNKULUNKULU KA ISRAYELI, 'Akuyikubakho-mvula kanjalo akuyikubakho-mazolo ngize ngiyibize.'" Wakusho loni lokho, "Ngize ngiyibize. Ngokwesiyalezo *sami* na"? Ngoba wayeneZwi leNkosi, wayengumprofethi, nomprofethi uneZwi leNkosi.

31 Kuyinto eshaqisayo ukubona ukuhambisana phakathi kukaIsrayeli weTestamente eLidala neMelika manje. Bobabili babeyizizwe ezinkulu. Bobabili babesunguliwe, nabantu babo babefike lapho, ngenxa yezinhlupheko zenkolo.

32 UIsrayeli wayekade ehlushwa nguFaro futhi wayekade esebugqilini amakhulu eminyaka, lapho ababephucwe khona ukukhonza uNkulunkulu weqiniso nophilayo, futhi babekade bephucwe leyonhlanhla; futhi baphenduka izigqila. Kodwa uNkulunkulu wayekade ebenzele isithembiso eBhayibhelini laKhe, noma eZwini laKhe, nangabaprofethi baKhe, ukuthi Wayezobanika izwe. Futhi babezoza bangene kulelizwe bese bexosha abahlali balelozwe, futhi babekade belidle laba yifa labo, ngokuba uNkulunkulu wayenenhloso yokwenza lokho.

33 Futhi sikanjalo lesisizwe sethu esikhulu. Sifika lapha, futhi ePlymouth Rock lesisizwe sasungulwa enkululekweni yenkolo ngoba okhokho bethu babebalekele ukuhlushwa ngamaRoma enqubo kaJezebeli wesimodeni, futhi babekade bekhuphukile futhi bamela izinhlupheko eziningi ezinkulu nokufela ukholo phansi kwaleyonqubo yamanga kaJezebeli. Futhi ngokweBhayibheli, leSambulo, isahluko 13, uNkulunkulu wayebathembise ibala elivundileyo phakathi kwezwe elingugwadule, nendawo, ngokuba owesifazane wathwalwa wayiswa ehlane lapho ondliwa khona isikhathi, isikhathi, nokwahlukaniswa kwesikhathi. UNkulunkulu wayenze isithembiso kwiMelika, noma kwibandla (kowesifazane), ukuba beze bangene kulelizwe.

34 Niziqaphelile iZambulo 13 na? Zonke ezinye izilo zazikhuphuke ziphuma olwandle, amanzi amaningi; iSambulo 17:17, sathi, "Amanzi owawabonayo angukuminyana nezixuku zabantu." Zonke ezinye izilo, zikhuphuka ziphuma emanzini, ukuminyana nezixuku zabantu. Kodwa ngenkathi iUnited States ikhuphuka, "Ikhuphuka iphuma emhlabeni lapho okwakungekho-bantu khona." Futhi khumbulani, ngenkathi ikhuphuka, yayibukeka ifana newundlu elincane.

35 Manje, iwundlu linezimpondo ezimbili, nalawo ngamandla empucuko nawobufundisi. Kodwa ngenkathi sekuhlangana, khumbulani, kwase kuthi-ke lelowundlu lakhuluma njengoba enza udrako phambi kwaso; nodrako kwakuyiRoma.

36 Ngenkathi udrako ema phambi kowesifazane ukuba ashwabadele umntwana wakhe masinya nje esezelwe, udrako obomvu...Ubani owama phambi kowesifazane uIsrayeli, ukuba ashwabadele umntwana masinya nje esezelwe, futhi wathumela ukuhlushwa futhi wabulala bonke abantwana kusukela kwabaneminyaka emibili ubudala kwehle njalo na? "IRoma, udrako, wama kowesifazane ukuba ashwabadele umntwana wakhe masinya nje esezelwe."

37 Bese kuthi-ke, siyathola, lelizwe lakhuphuka njengezwe elikhululiwe, futhi lali...lalinewundlu, okuchaza iWundlu likaNkulunkulu. Kodwa, emva kwesikhashana, lenqubo efanayo esinayo, yakhuluma njengodrako futhi yasebenzisa onke amandla udrako ayenawo phambi kwakhe.

38 Bayahambisana, omunye komunye, ngokupheleleyo. Futhi khumbulani ngenkathi lezi . . . UIsrayeli wakhuphuka wayesethatha ikhaya lakhe lendabuko nePalestine, waxosha bonke abahlali balelozwe wayeselidla izwe. Sangena sase silithatha emaNdiyeni, sawaxosha sase sidla izwe. UNkulunkulu wayenesizathu salokho. UNkulunkulu wayezobonisa umhlaba ukuthi Wayengenzani nge—ngebhendi encane yabantu ababefuna inkululeko, nenkululeko yenkolo, ukukhonza uNkulunkulu.

39 Bamenzelani uIsrayeli na? Wenza uIsrayeli isizwe esinamandla kakhulu ukwedlula zonke emhlabeni, futhi wahlala ngaleyondlela waze waphuma entandweni kaNkulunkulu. Wenzani ngeMelika na? Wayenza yaba yisizwe esinamandla ukwedlula zonke emhlabeni isize iphuma entandweni kaNkulunkulu. Ayahambisana, elinye kwelinye, impela.

40 Ngenkathi uIsrayeli eza nganeno ezweni, babenga—ngabantu abakhulu ngoba babenobuholi obukhulu. Babenamadoda amesabayo uNkulunkulu phezu kwabo, njengoDavide nje, iNkosi uSolomoni. Wonke umhlaba wawubesaba, futhi bayithokozela leyonhlanhla yokungabi nazimpi, kungekho-zinkathazo, futhi bephila phansi kwamandla kaNkulunkulu, kuze kuthi abantu abavela kuwo wonke umhlaba owaziwayo beza ukuzobabona. UNkulunkulu wabapha isiphiwo sokubona okufihlakele, sasiphezu kukaSolomoni. Nendlovukazi yaseNingizimu, evela . . . indlovukazi yaseSheba yeza isuka le enhla ukunqamula uGwadule iSahara (kuyithathe izinyanga ezintathu) ukuzozwa nje ukuhlakanipha kukaSolomoni. Futhi ngenkathi ibona ukuthi uSolomoni wayekwazi ukwehlukanisa omoya, futhi wamazisa izimfihlo enhliziyweni yakhe, yathi, "Konke engikuzwile ngawe bekuyiqiniso, nokuningi ngaphandle." Weneliseka ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu.

41 NeMelika, phezu kwezisekelo zawokhokho bethu abeza lapha ngenxa yenkululeko yenkolo . . . Sasinamadoda amesabayo uNkulunkulu ngalezozinsuku, njengabaholi: uGeorge Washington, uAbraham Lincoln, amadoda anesimilo sodumo, amadoda kaNkulunkulu. IMelika yayiyiMelika, ngalezozinsuku.

42 UGeorge Washington, lapha eValley Forge, ngaphambi kokuba awele iDelaware, ekhuleka ubusuku bonke, waze waba manzi kwayothi ngqi okhalweni lwakhe, eguqe eqhweni. Futhi ngokusa okulandelayo ngenkathi amaMelika eqala ukuwela, kwakukhona kuphela cishe amapesente angamashumi amabili abo ayenezicathulo angazigqoka, uMbutho waseMelika. Kodwa ayenomgomo, ayenento ethize ayedinga ayilwele. Ayengakhathali ukuthi kufikani noma kuhambeni. (Abalimi

bayangena, amise igeja lakhe bese ekhipha inkabi yakhe, bese ethatha isibhamu sakhe bese eyolwela lokho ayazi ukuthi kwakuyinkululeko.) Futhi ngosuku olulandelayo, ngikholwa ukuthi kwakuyilo, izimbobo ezine noma ezinhlanu zezinhlamvu zesibhamu (izinhlamvu zesibhamu imasket) yabhola ibhantshi lakhe nesigqoko futhi ayizange imthinte.

43 Amadoda kaNkulunkulu, asungula lesisizwe, amadoda amakhulu! Akumangalisi abhala:

> Kwangathi izwe lethu lingaqhakaza isikhathi
> eside
> Ngokukhanya okungcwele kwenkululeko;
> Sivikele ngamandla aKho,
> Nkulunkulu omkhulu, Nkosi yethu!

44 Esikhathini esithize esedlule, ngakhuluma nekhehla ezansi eCorydon, eIndiana. Langitshela mayelana nokuthi ngenkathi ikomkhulu liseseCorydon, nokuthi likanjani . . . lathi lalihamba kanjani ngenqola yezinkabi lehla ukuyozwa u—umbusi ekhuluma. Futhi lona nombusi kwakuyibona bobabili kuphela ababenethu-phisi, isudu, beyigqokile. Lathi lalifuye izimvu futhi lizigunda, futhi ligeze uvolo wazo, odadewabo bawuphothe bese belenzela ibhantshi lokuba lihambisane nebhulukwe lalo. Nomfo omdala ehlezi lapho, ngaleyonkathi lithi alibe neminyaka engamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu noma amashumi ayisishiyagalolunye ubudala, liphulule intshebe yalo *kanjalo*, lase lithi, "Billy, kulapho i 'Merikee' yayiyi 'Merikee.'"

45 Ngambuka umfo omdala, ngase ngicabanga, "Mfana, u . . . inqwaba yalaba abasha bebengeke bakukholwe, kodwa ukhuluma iqiniso."

46 Kwenzekani kuIsrayeli emva kwalo lonke imuva lalokhu ukumesaba uNkulunkulu na? Baqala ukungakhathazeki. Baqala ukuthola indawo lapho aba, awu, babengakhathazeki ukuthi kwakuqhubekani. Baqala ukuyothola ukudembesela ekukhonzeni kwabo uNkulunkulu, nakuba babamba isimo senkolo njengoba nje sinaso. Babenesimo sokumesaba uNkulunkulu. Kodwa baqala ukukhululeka nabantu bakubo, futhi—futhi baqala ukungenisa ukukholwa okuphambene nokukholwa okuyikho okwehlukene ebandleni labo. Ukukhonzwa kukaBalimi kuqala ukungena ngesinyenyela, noIsrayeli uba ngohlanyiswa yinjabulo, wadakwa, nezinto ezinjengalokho, futhi ekugcineni bangenisa umholi owayengamazi uNkulunkulu; uAhabi, owangena esikhundleni sikayise. Noyise wayeyindoda engamesabi uNkulunkulu, isicebi, kodwa indoda engamesabi uNkulunkulu. Futhi wenze zonke izono, ukwedlula noma ubani ngaphambi kwakhe owake wakwenza. Kodwa uIsrayeli, ekundwazeni kwabo kokudakwa, bafaka indoda enjengaleyo, futhi bayibeka esihlalweni sobukhosi ukuba ibe ngumbusi phezu kwabo.

Babecabanga ukuthi kwakulungile. Njengoba yenza nje inqwaba yabaseMelika namhlanje, “Ungusombusazwe okahle, ngakho kwenza mehluko muni na? Ngeke kwenze mehluko, ngoba ungusombusazwe okahle.”

47 Inqwaba yabaseMelika, abaningi kakhulu babo, uthengise ngobuzibulo babo, njengowaseMelika, futhi bathi, “Kwenza mehluko muni, inqobo nje uma uthola amadola ambalwa athe xaxa kuhulumeni futhi uphile na?” Babuthengisa esiswini, nasezinkanukweni nokuzondelela izwe elinesono, futhi bakhohlwa yiyona impela into esayehlela ePlymouth Rock. Balikhohlwa ifa lethu, base behamba futhi balithengisela izixuku ezihlanyiswa yinjabulo. Njengoba kwakunjalo ngezinsuku zakwaIsrayeli, kubenjalo-ke, iMelika ithathe lowomgwaqo ofanayo, yehla ngqo ngendlela efanayo, injabulo!

48 Emva kwesikhashana, uhulumeni wasivumela isono: “Inqobo nje uma naninesinagoge, kwenza mehluko muni na?” Yilokho impela okwenziwe yiMelika. Futhi siqala ukuzihlela thina uqobo sibe ndawonye futhi senza amaqenjana, nokuningi ukona, okuningi ukona, okuningi ukona. Besizohlala nemigomo yangempela esayehlelayo lapha! Isono siqala ukungena ngesinyenyela emabandleni njengoba nje senza ngaleyonkathi. Abesifazane baqala ukugunda izinwele zabo, begqoka izingubo zesimilo esibi, bezigunda njalo ngonyaka futhi . . . Nabesilisa baqala ukwenza *lokhu, lokho,* no *kunye*, futhi bedlala amakhadi futhi benza imidlalo yokuwaka ebandleni, futhi nje eyizwe uqobo, ehlanyiswa yinjabulo, nokundweza kwabadakiwe.

49 Abefundisi bethweswa iziqu ekholiji, nombhishobhi ethi, “Shumayelani bafana, noma yini enifisa ukuyishumayela. Ngokwazi kwami, igazi likaJesu Kristu loma eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyedlula.” Laze ibandla alangafika ndawo kodwa inhlangano, njengedlangala. Kwangathi ningekhohlwe neze kulentambama! Liba njengedlangala, izwe liqala ukungena ngesinyenyela, abefundisi baqala ukuxegisa njengoba nje benza ngezinsuku zika-Ahabi. Abanesono, bebole kwaze kwayofika emnyombweni, futhi kwaqhubeka njalonjalo ngokukhulu nje ukushesha okwakungakuhamba.

50 Nakuba uNkulunkulu abathumelela umprofethi emva komprofethi, nangomusa omningi omnene Ayenxusa kubantu, futhi baLifulathela. Babefuna indlela yabo, babengamaIsrayeli, babekhululekile, babeyisizwe esikhulu, okhokho babo benza *ukuthi-nokuthi* (uDavide noSolomoni), babengenza noma yini ababefuna ukuyenza. Into efanayo nje esesekeleke kuyo, impela; lokho uWashington, okhokho bethu, nalokho abakumelayo. Kodwa, mfowethu, siqhele ngamamayela ayisigidi kulezozinto; amabandla ethu anjalo, amamayela ayisigidi.

51 Endala . . . Ibandla leMethodisti namhlanje, kulokho ibandla leMethodisti elalivame ukuba yikho! Lokho iPhentekoste eyikho namhlanje, nalokho eyayivame ukuba yikho! Lokho iBaptisti eyikho namhlanje, kulokho eyayivame ukuba yikho! Sasinesikhathi sokubuyela emuva bese sikhuluma ngoJohn Smith nabaningi balabo baguquli basekuqaleni. UJohn Smith wathi, ngaphambi kokuba afe, wathi, "Into embi kakhulu ngukuthi abesifazane beMethodisti baqala ukufaka amaringi egolide eminweni yabo." IMethodisti! Ubeyothini namhlanje ukubabona begunde izinwele zabo, nopende kubo bonke ubuso babo, begqoka izikhindi na? Yingenxa yesono!

52 UNkulunkulu wenzeni eMelika na? Wathumela imvuselelo emva kwemvuselelo, imvuselelo emva kwemvuselelo. Abefundisi ushumayele iZwi, wazama ukubiza abantu babuyele kuNkulunkulu. Futhi benzani na? Into efanayo eyenziwe nguIsrayeli, baLedelela! Bahlekisa ngabo! Bababiza "ngabaginqiki abangcwele"! Babaphosa ejele!

53 Uma omunye wodadewethu nomunye wabafowethu, ophuma kulelibandla namhlanje, bebeme kulelohhotela izolo ebusuku futhi baphakamisa izandla zabo futhi badumisa uNkulunkulu futhi bamemeza kulelokamelo, ngabe basejele namuhla ngakho. Kodwa ezidakiwe, zandwaza isigejane sobuthutha "abaginqiki abangengcwele" bangasukuma lapho futhi badazuluke ubusuku bonke; futhi badakwe, futhi bathuke futhi badumele izingubo zabo bazikhumule kwabesifazane babo futhi baqhubeke, futhi bawe kwiphansi lendlu futhi badazuluke ubusuku bonke, futhi ngeke ngisho bathi vu ngokuphikisana nakho. Akumangalisi silahliwe phansi kwesandla sikaNkulunkulu!

54 Qaphelani, kuqhubeke njalonjalo, uNkulunkulu wathumela abefundisi, wenza izibonakaliso nezimanga, efakazisa iZwi laKhe. Nento enkulu kakhulu, inqwaba yabefundisi besimodeni baLenqaba futhi bahlekisa ngazo zonke izimvuselelo. Njengalokho okubizwa ngeChurch of Christ nabo, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule." Bezama ngamandla abo onke ukukuvala kuleyonsali kaNkulunkulu encane. Njengoba kwakunjalo kwaIsrayeli, kunjalo nanamhlanje. Izikhathi eziningi, uNkulunkulu uzokhipha abantu baKhe kulezozinhlangano namahlelo, babakhiphele ehlane bebodwa, ukukhuluma nabo. Futhi Uzoba nensali, ningakhathazeki ngalokho. Wakwenza ngaleyonkathi, Uzokwenza manje. Kwaqhubeka njalonjalo bedlula esonweni, begxambuza ezintweni. Ngani na? Ubuholi babo, akukho okungakumisa.

55 Awu, qiniso, ngiyazi izizwe eziningi ukuthi uma bezingababamba abantu estradini begqoke njengoba senza lapha eMelika, bezingabafaka ejele. Ngenkathi ngiya eSaint Angelo, eRoma (manje, kucabangeni, njengoba lokho kuphansi kanjalo), babenesayini phezulu lapho, ngemigede yamangcwaba iSaint

Angelo, "Kwabesifazane baseMelika: 'Sizani nigqoke izingubo futhi nihloniphe abafile.'"

56 Uma kukhona noma yini ekugulisayo, ngukubona isigejane salabo ababizwa ngamaMelika bengena. Ngangihlezi phansi, eLausanne, sasizitika ngesiteki esithize, ngoluny'usuku, uMfowethu Arganbright nami. Ngakusasa, sabuyela emuva ngoba kwakungukudla kamnandi. Ngangizitholela amanzi lapho, babenganikezani lutho kuphela iwayini. Futhi ngangithatha amanzi, ngangiziphathela ujeke wamanzi phansi kwengalo yami impela, ngaso sonke isikhathi, ngoba babengakuniki amanzi etafuleni. Ngase-ke ngiyangena lapho, futhi yonke into yayiyinhle kwaze kwangena u "Nkosazana Melika" nencane, engcolile, inja enoboya obunikezelayo nekhala eliqhoshayo; efake ubucwebe obenele isitolo esithengisa izinto ezincane kanjalo, nosikilidi uphume ujojo ekugcineni kanje, wahlala phansi lapho efake into ayengesiyo; wayesebeka leyonja enoboya obunikizelayo phezu kwetafula, engcolile, into enyanyekayo.

57 Yi. . .inja iyinto embi ukwedlula zonke uNkulunkulu akhuluma ngayo. Nokweshumi kwazo ngeke kwakhokhwa ngisho nasendlini kaNkulunkulu. "Injengesifebekazi, okweshumi kwesifebekazi," iBhayibheli lasho. Futhi, nokho, nakho lapho okhona. Bayozejwayeza uhlel'umndeni futhi bakhokhe amadola ayinkulungwane, cishe, ngenja endadlana; bese belokhu beyihola futhi bayinike uthando lomntwana, ukuze akwazi ukugijima ngaphandle ubusuku bonke, futhi uyozejwayeza uhlel'umndeni.

58 Yini okulindele ngaphandle kwenxushunxushu! Ungahle ungaphinde ulizwe iphimbo lami futhi, kodwa ngifuna nikukhumbule lokhu: Sisekupheleni!

59 Lapho, siyathola ukuthi kwenzekeni, kwenzani. Ekugcineni, ihora *elikhulu* liyafika: uAhabi wakhethwa, futhi ngenkathi ekwenza, waganwa nguJezebeli; lowo wesifazane omdala obolile owaholela wonke uIsrayeli ekukhonzeni izithombe. NoIsrayeli njengoba enza ngaleyonkathi, ngani, lokhu. . .Kufanele ukuthi babesesimweni sokuhlubuka, ukuba bake baze bavumele into enjengaleyo ukuba yenzeke esizweni sabo. Imithetho yenziwa abantu beyenzela abantu, nathi senze into efanayo!

60 Kwakukhona isikhathi lapho iMelika yayingeke. Babazi kangcono kunokuba bavumele unondindwa omdala, isifebe esidala esaphuza igazi labafelukholo; sababulala. Nesizathu sokuba babalekele lapha: benzela inkululeko, babengeke babekezelele into enjalo. Kukhombisa ukuthi sisesimweni sokuhlubuka, isizwe sonke, ukuba bakhethe into enjengaleyo. O, kusobala, manje ni. . .abanye benu beDemokrati intando yeningi esadla ngoludala niyocabanga lokhu, ukuthi "O, awu, uzoba—uzoba yinhloko yezombusazwe ekahle." Lokho

kungezwakala kahle ezizindlweni, emqondweni wenyama. Kodwa eZwini likaNkulunkulu nasemqondweni kamoya, akunamqondo. Impela akunawo, amadola ambalwa athe xaxa aphumayo nezinye izintela noma into enjangalokhu okunqunyiwe.

61 Futhi sinesikhathi esinzima, izithunywa zethu zenkolo ensimini namhlanje, ngoba manje sithathwa ngokuthi siyisizwe esiKatolika. Ngani, impela, iRashiya ithathwa ngokuthi iyikhomanisi ngoba anomholi wobukhomanisi. IShayina ebomvu ithathwa ngokuthi iyikhomanisi ngoba anomholi wobukhomanisi. Sithathwa ngokuthi siyiKatolika ngenxa yokuthi sinomholi oyiKatolika.

62 O, ngenkathi uAhabi esesihlalweni sobukhosi . . . Wena uthi, "*U* sesihlalweni sobukhosi." Kunjalo, kodwa uJezebeli wayeyinhloko emva kwalesosihlalo sobukhosi. Wayenguye owenze ukuhola. Bukani ukuthi wayithatha kanjani yona impela imithetho yezwe wayeseyisonta eyijika, futhi enzela ukuba kuzuze yena uqobo nangokuhaha, wayesenza uAhabi ukuba akwenze ngoba wayemganile. Futhi kungaleyondlela ngomholi wethu namhlanje. Angisho ukuthi akasiyo indoda ekahle, kodwa bukani ukuthi yini esemva kwakhe: isifebe, yona impela into esayibalekela lapha (ukuba sibe yiMelika); zona impela izimiso iMelika eyakhele phezu kwazo. Thina, ngokuzikhethela kwethu uqobo okukhululekileyo, sakhetha into enjengaleyo.

63 Manje niyabona ukuthi kungani iphimbo lami lizomiswa masinya impela nje. Kodwa ukhona ozokwazi! Yebo! Ngani na? ISambulo 2:20, uzibiza ngo "mprofethikazi." Bhekisisani nje igagasi lesono lenzeka manje. Bhekisisani umnyombo uhamba uyothi ngqu emnyombweni. Bhekisisani okwesimodeni, bhekisisani izinto zokungamesabi uNkulunkulu zenzeka emabandleni. "Futhi, ekugcineni, kuyofika ukuhlushwa," iBhayibheli lisho njalo, ISHO KANJE INKOSI! Impela, kuyobakhona.

64 Manje-ke kuzokwenzekani na? Njengoba kwenza nje ngaleyonkathi, kuzoba njalo manje. Wayenamandla emva kwaso, nguye owayewulawula. Fundani i . . . ngikholwa ukuthi elesikhombisa- . . . cishe isahluko 17 noma 18, kungalapho phakathi, nizothola ukuthi uJezebeli wenzani: ukuthi wamthatha kanjani uAhabi, futhi wangasho lutho ngakho ngoba kwakungumkakhe. Bukani ukuthi isizwe sakhelwa phezu kwani ngaleyonkathi, umIsrayeli ohlubukile nomfazi ongumhedeni (emva kwakhe) owayengumkhonzi kaBalimi. Futhi wenzani na? Ekugcineni wenza yonke into yaba eyesimodeni kakhulu, futhi ibe yinhle kakhulu, nabantu babenakho kalula kabi, kwaze kwathi lonke ibandla lakuthanda, abashumayeli nabo bonke. Akashongo yini uElija, "Nkosi, yimina kuphela osesele"?

Futhi njengoba kwakunjalo ngaleyonkathi, kuyahambisana namhlanje.

65 Bonke babesaba ukusho noma yini. Akufani yini nje njengento efanayo namahlanje na? Babesaba ukusho utho. Ngakho siyathola, babewuvanzi nje, bahlofuza, ukudakwa kuqhubeka, behlanyiswa yinjabulo, nakho konke okunye, njengoba kunjalo nje namhlanje. UJezebeli esonta leyomiBhalo . . . Wenzani . . . noma leyomithetho, njengoba— njengoba uJezebeli ezosonta. Khumbulani, uJezebeli, uzibiza ngo "mprofethikazi," ukuba athobise abantu, futhi uthi ngu "yena kuphela iphimbo likaNkulunkulu emhlabeni." Uyokwenza umqondo wenyama ukuba ukukholwe lokho impela nje njengezwe.

66 "Kuyofika ukukhonzwa kowesifazane, eUnited States, nalowo kuyoba nguMariya." Ngikubonile, amashumi amathathu . . . 1931. Izinto eziyisikhombisa zenzeka. Nginakho ngqo ephepheni lapha, kimi, ngakubhala ngo 1931. Ukuthi ngasho kanjani ukuthi "LoMongameli, uFranklin D. Roosevelt, uyobangela umhlaba wonke, asize ukuba kwenziwe, athumele umhlaba empini." Engakezi empini, ngezikhathi zokucindezeleka. Ngathi, "Enye into, . . ." Nomama wami, ongoweDemokrati intando yeningi esadla ngoludala, uma engangibukanga kanzima ngenkathi ngisho lokho. Ngathi, "Angikhathali noma ubengumRipabliki abasadla ngoludala kumbe noma ubeyiSoshiyalisti owezenhlaliswano kumbe noma uyini, lona ngu ISHO KANJE INKOSI." Futhi ngathi, "Ukwenza lokhu, bavumela abesifazane ukuba bavote. Futhi uma benza lokho, benze elinye lamahlazo amakhulu kunawo onke lesisizwe esake sawenza." Ngase ngithi, "Ngoluny'usuku bayohlawula ngakho." Futhi bakwenza kulolukhetho olwedlule. Yilokho okwamkhethayo, abesifazane.

67 Nani bantu abaligugu abangamakhaladi, eNingizimu, ukuthi navota kanjani! Nithi, "Awuhlangene nokusho lokho epulpiti." O, yebo, ngihlangene, yiZwi likaNkulunkulu! Ne— nebala lika-Abraham Lincoln, lo owanikhululayo, elele ngaleya kuleyomnyuziyemu engutsheni yowesifazane, futhi nithengisa ngobuzibulo benu. Ngiyanidabukela.

68 Nani bantu, ngezombusazwe, ngoba nje niyiDemokrati intando yeningi enhle, navotela into enjengaleyo, futhi nathengisa ngobuzibulo benu bobuMelika nobuKristu, ukuba nibunikezele isifebe esisigijimisa kulesisizwe, okwasenza saba yilokho esasiyikho. Niyabona ukuthi besingena ngesinyenyela kanjani na? Kalula impela, sekuze kwathi manje saba sesihlalweni sobukhosi. Impela! Isihlalo sobukhosi saseHlala Mongameli.

69 Bhekisisani! Vele . . . Nabona yini ngolunye usuku mayelana nezikole zamaKatolika nezikole zamaProstestane na? Zesekela

isikole samaKatolika kodwa hhayi isikole samaProtestane. Niyabo? O, mfowethu! Bhekisisani igagasi lezinto zivela manje. Qaphelani, futhi njengoba bakwenza, bukani ukuthi kwenzekeni. Sonke lesisono singena sinqwabelana. Sesifike endaweni futhi safika esizweni kulolohlobo lwendawo ediyazelayo.

70 Eminyakeni embalwa edlule, ngenkathi babene... amaPhentekoste kuqala ezikhulula, kwasindisa isizwe eminyakeni edlule ngenkathi uAl Smith wayezogijima. IMelika yayazi kangcono ngaleyonkathi. Kodwa iPhentekoste yaba yizwe kakhulu yaqhubeka ngqo yangena futhi bathengisa ngamalungelo abo njengomKristu, kwezombusazwe, futhi ngezombusazwe ngaphambi kweBhayibheli. O, he!

71 Manje, umzuzu nje, futhi bhekisisani nje ukuthi lokhu kuphuma kanjani. Manje, siyathola ukuthi benzani nezinto abazenzayo, siyakubona kuhambisana lapha ngakho impela nje, isono nxa zonke. UJezebeli uyangena, wathakatha bonke abantu. Futhi qaphelani, ekugcineni, uqala ukwakha amathempelana amakhulu kuBalimi. Kunjalo na? Nabapristi bakaBalimi bathutheleka bevela ndawo zonke ukuba bangene kuleyondawo, futhi baqala ukonakalisa amazwe ngokukhonza kukaBalimi.

72 Bukani ukuthi benze kanjani, bukani ukuthi bangenise okokhula kanjani. Izinto nje abazenzile, bukani ukuthi bakuphi namhlanje. Bukani ubuKatolika bugwinya lombolozi, bugwinya lombolozi, bugwinya lombolozi; bugana kukho, bephula lokhu, khona impela nje uDanyeli athi bayokwenza. Insimbi nebumba kwakungaxubani, kodwa behlanganisa izimbewu zabo omunye nomunye, ephula. Yonke intombazane eyiProtestane ishada nomfana oyiKatolika ifanele ikhulise abantwana bayo babe yiKatolika. Konke kanjalo, beshada, behlangana, kanjalo sekuze kwafika endaweni sekuze kuthi yonke iUnited States yonke isibe yimpethu yonke.

73 Sizokwenzenjani njengezithunywa zenkolo, ziphumela ngaleya ukuba zikhulule eNingizimu Melika nayo yonke ingxenye yomhlaba, uTommy Osborn nabo, bezama ukuthola abantu ukuba baphume kulobo buhedeni futhi bangakhomba ngomunwe wabo emuva ngqo ukuthi sakhetha umholi wethu, nento efanayo. O, Nkulunkulu. Kuzokwe—kuzokwenzekani kulomhlaba na? Kufanele kunyakazise wonke umuntu phakathi lapha. Sizophendula kanjani na? Sizothini isithunywa senkolo uma bethi, "Niza lapha ukuba nisikhulule kulokhu, nabantu bakini uqobo bafaka into efanayo emaofisi enu lapho, esihlalweni sobukhosi"? Sizokwenza kanjani uku... Ini...

74 Bukani emuva emakhasini omlando, phenyani futhi nibone uma ngo—uma ngokoqobo, cishe impela, kuphambene nomthetho wombuso kukho ukuba kube njalo. Babengeke

bakwenze eminyakeni eyedlula kodwa, niyabo, sithengise ngamalungelo ethu amaKristu kwezombusazwe, futhi uziphicela kanjalo udeveli phakathi. UAhabi wayengelutho kuphela inhloko ngegama likaJezebeli. Yilokho kuphela lokhu okuzoba yikho, inhloko ngegama nje. Ngeke azenzele ngokwakhe, kodwa leyonqubo emva kwakhe iyomqhubela kuyo. Kunjalo impela! Ncinza unembeza wakho, wena mKristu. Ziphaphamise wena, isikhathi sesedlule kunoma ucabanga. Isimo esikuso, isimo ababekuso, nokuthi baziyekelela kanjani bona uqobo babewuvanzi.

75 Kufanele ukuthi inhliziyo kaNkulunkulu enkulu ethandayo yakhala kakhulu, futhi ikhala izinyembezi, lapho Ebone abantu baKhe abayizithunywa zenkolo. Wabenza isibonelo, zonke izizwe zivela ndawo zonke ngoba uNkulunkulu wayebabusisile, bebabona besebunyeni. Ngokomoya, bekhonza uNkulunkulu. Bese kuthi-ke ukucabanga ukuthi Wa—Wayekulangazelele ukubabona bebuyela othandweni lwabo lokuqala futhi benze lokho okwakulungile, kodwa ngokuqhubeka bahamba baqhela, futhi baqhela, futhi baqhela, kwaze kwathi ekugcineni uJezebeli uyangena. Yilokho impela esikwenzile. Sakhukhuleka sasuka ezimisweni zikaKristu. Ngenkathi uNkulunkulu ethumela abefundisi baKhe esizweni sonke, bashumayela ubungcwele, abePilgrim Holiness, amaNazaretha, amaPhentekoste, “Buyelani kuNkulunkulu! Buyelani kuNkulunkulu!”

76 Namabandla angempela amiswa esikhathi sakudala avele ahlekwa nje futhi kwahlekiswa ngawo. Inqwaba yalawomakholwa esimodeni, ngani, bagxeka yonke into lawomadoda ayenzile futhi athi “Kwakungokukadeveli.” Kwenzani na? Nebandla liqala ukukulalela, iningi ngesibalo liqala ukulalela. Into yokuqala niyazi, “Uma owesifazane oyiKatolika ubengagqoka lezi uhlobo lwezinto, iProtestane ibingakwenza nayo. Uma ibandla eliKatolika belingenza lokhu, iProtestane ibingakwenza nayo. Manje-ke uma iMethodisti ibingenza, kuthiwani ngeBaptisti na? Manje-ke uma iBaptisti ibingenza, kuthiwani ngamaPhentekoste na?”

77 Niyabo, zikungenisa lapho-ke izinqubo ezenziwe ngumuntu. Haleluya. Lokho kuqinisile. Yingalesosizathu ngimelene nayo, ngoba iZwi likaNkulunkulu limelene nayo. Izinqubo ezenziwe ngumuntu: uNkulunkulu umelene nayo, iZwi laKhe limelene nayo, abaprofethi baKhe bayomelana nayo, izinceku zaKhe zangeqiniso ziyomelana nayo, wonke lowo ozelwe nguMoya kaNkulunkulu uyomelana nayo.

78 Bukani ukuthi uIsrayeli wathola kanjani, ukuthi bantanta kanjani nebuya, kwaze kwathi ekugcineni uJezebeli uyafika. Bukani ukuthi iMelika yathola kanjani, futhi yantanta kanye nebuya lezwe, uJezebeli waze wathatha isihlalo sobukhosi. Kunjalo. Manje, uJezebeli eqinisweni wayengekho

esihlalweni sobukhosi saseGibhithe . . . noma, isihlalo sobukhosi sikaIsrayeli, kodwa wayeyinhloko enkulu emva kwesihlalo sobukhosi. Nokubusa ezindabeni ezingcwele kweKatolika akukho esihlalweni sobukhosi saseUnited States, kodwa liyinqubo esemva kwaso ngoba uganwe yiyo. NeBhayibheli lathi, kulelizwe, bayokwenza "umfanekiso *ofaniswe* nesilo."

79 O, mfowethu, dadewethu, yin'indaba na? Awu, ngi—ngiyazi ukuthi yini. IBhayibheli lathi bayothola lonyaka waseLawodikeya, futhi silapho-ke. Ningahle ningizonde manje, kodwa ngeliny'ilanga ningeke uma senithola ukuthi yini iQiniso. Ningahle ningavumelani futhi nisukume futhi niphume endlini nigqishazele, lokho nje kukhombisa ukungafundi nokubhala kwenu. Kodwa suku lumbe niyoqonda, suku lumbe niyolangazelela futhi nazi ukuthi kuyiQiniso! NgiLikhuluma eGameni leNkosi! Ngiziphanyeka ngibe yisisulu, okuyothi ekugcineni kungiqhubele ethuneni. Ngizoba ngufakazi ngize ngife, uma uNkulunkulu ezongisiza. Kunjalo.

80 Nakhu sikulesisimo, sikuso namhlanje, konke okwakho kuhamba kanjalo. NoIsrayeli, ukuthi uAhabi wenza kanjani, inhloko ngegama kaJezebeli ngoba wayeganwe nguye. IMelika, umholi wethu, wenza kanjani u . . . Niyazi ukuthi umholi wethu wayeyisicebi na? Bangaki okwaziyo lokho na? Usozigidigidi. Omunye wangitshela, kwiphephabhuku noma umsakazo othize noma itelevishini noma okuthize, uJack Benny noma omunye umuntu wenza i . . . uErnie Ford, ngikholwa ukuthi kwakunguye. Omunye umuntu wathi "Uyise wamsiza ukuba athole izifundazwe ezimbili okwakungesizo ezakhe." Sesithi nje asibe esakhe sonke. Wasithola kanjani na? Yafika kanjani leyomali na? Ngokuhwebelana ngogologo, notshwala. Yingalesosizathu ehlisa izintela kugologo nezinto. Yilokho okwamenza isicebi. Yona impela into eyaqalekisa isizwe sakithi, yona impela into eyona izingqondo zabantu bakithi, into ethumele abafana bethu ukuba babe yizidakwa, namantombazane akithi ukuba abe yizifebe, imali ephuma kulokho yamenza isicebi.

81 Into efanayo, leyonqubo endala kaJezebeli, into efanayo eyahlupha abantu bakithi, into efanayo eyabahudula yabakhipha (ebuRomeni) yayisibashisa yayisibahlubula behlukana phakathi yenza yonke into kubo, igazi elifanayo labafelukholo (iBhayibheli liyasho) likuye! Nampo lapho bekhona, bashada ndawonye. Nathi maMelika sidiyazela siya phambili ngqo, "O, awu, sinamadola ambalwa athe xaxa futhi sinesikhathi esimnandi. Singcono kunazo zonke izizwe." Kodwa, mfowethu, linda umzuzu nje.

82 Asikuthathe ngencwadi nencwadi manje, okwemizuzu embalwa elandelayo, sibone ukuthi kwenzekani.

83 Abashumayeli bahambisana ngqo, nje bazinikela kubo, baqhubeka nabo ngqo, yonke inqubo. Yonke inqubo

yamaIsrayeli yahambisana ngqo noJezebeli. Babenesimo, yebo. Futhi alisitsheli yini iBhayibheli ukuthi ngalolu izinsuku zokugcina siyoba ne "simo sokumesaba uNkulunkulu"? Zonke iziprofetho ziyagcwaliseka, mfowethu, sisekupheleni! Ngokukazwelonke, sisekupheleni! Ngokomoya, sisekupheleni! Yonke inqubo isekupheleni kwayo! Into elandelayo ngukufika kweNkosi nokuhlwithwa kweBandla.

84 UNkulunkulu wathumela sonke isibonakaliso, isimanga, wenze yonke into Ayengayenza, ezama ukudonsa abantu, futhi njalonjalo baqhubekela phambili ngqo bangene. Bukani kulelidolobhana lapha, libukeni lelizwe konke lapha, namashumi amakhulu namakhulu abantu bePhentekoste; nangenxa yokuma eQinisweni, bakuphi kulentambama na? Ngoba omunye wabatshela ukuba bangabambisani nomhlangano. Nina bantu ndini, bangamabomu... UNkulunkulu akanihawukele, yiyonanto kuphela engingayisho. Uma nina maKristu ningasenamgogodla kunalokho, ninethambo lesifuba enkukhwini esikhundleni somgogodla. Kunjalo! Esikudingayo nguku "shumayela iVangeli elinamazinyo kulo," elizogawula into ibe yizicucu. Bahamba njengabo bonke nje abanye, manje-ke niyamangala ukuthi kungani simpongoloza ngakho. Manje-ke, niyabo, nine "hlombe elibandayo." Ngiyakulindela, ngifanele.

85 Konke lokhu kwaqhubeka kwaIsrayeli. Ekugcineni, ngoluny'usuku, oza egqishazela ephuma ehlane, kuza umfo omdala obukeka enobuhwanqa, uElija waseTishibi. Akaphumi khona neze kunoma yiziphi zezinhlangano, uphuma ehlane! Wayengahlanganise lutho nazo. Wayengumprofethi weNkosi. Mfowethu, wanyakazisa lowombuso kaJezebeli ngakho konke okwakukuwo. Bamzonda. Wayengenabambiswano, ngizoniqinisekisa ngalokho. IBhayibheli lithi qha. Impela. Wenza laboJezebeli ababuso bupendiwe "bashe," sengathi ngiyabona. Wabeka izembe empandeni yomuthi njengoba kwenza uJohane, amabhizela awela noma yikuphi lapho ayefisa ukubhizela khona, kodwa wambeka phakathi lapho. Wanyakazisa isizwe, ekhombisa ukuthi babesephutheni, futhi ezama ukubabiza babuyele kuNkulunkulu ophilayo weqiniso, futhi babuyele eZwini laKhe esikhundleni sokukhonzwa kukaJezebeli.

86 Benzani na? Ngabe bamemukela na? Bamzonda! Kodwa iZwi lakhe laqhubeka ngokufanayo nje, ngoba wayeno ISHO KANJE INKOSI! UNkulunkulu wayesebenza naye, futhi wakhombisa ukuthi wayengumprofethi ogcotshiwe ngezinto azisho zifezeka. Nakho konke lokho akwenzayo kwafakazisa ukuthi wayengumprofethi kaNkulunkulu. Kodwa nokho babengaLikholwa, ngoba wadabula izindlu zabo zokudlalela. Wabatshela ukuthi babese "Phutheni!" uAhabi wayeyisisebenzi nje. Qiniso! Futhi niyaqaphela

babengamkholwa, kodwa waLishumayela ngokufanayo nje. Akukho namunye wabashumayeli owayevumelana naye, wathi, "Yimina kuphela engisele, Nkosi. Babuke, bangeke ngisho . . . oyedwa, akukho-muntu ozobambisana." Kodwa wayenomsebenzi ayewuthunywe ukuba awenze futhi wawenza. WayeneZwi leNkosi, ISHO KANJE INKOSI! Futhi wahlasela isizwe, wahlasela ibandla, wahlasela yonke into eyayikhona, noNkulunkulu wayenaye!

87 Siyethenjiswa, ngezinsuku zokugcina, ukuthi uyobuyela kulelizwe futhi. Ngiyazi, uJesu, ngenkathi . . . UMathewu 17, ngenkathi beMbuza, "Basholoni abaBhali, 'UEliyase . . . '?"

88 Bhekisisani ukuthi Wathini, "UEliyase nempela ufanele afike kuqala," sekwedlule, lungi- . . . enkathini ezayo. Kodwa manje-ke Unika uJohane njengesibonelo. UJohane wayengesuye uMalaki 4. UJohane wayenguMalaki 3, "Bhekani, Ngiyathuma isithunywa phambi kwaMi, ukulungisa indlela."

89 UMalaki 4, Wathi: "Ngaphambi kosuku olukhulu nolwesabekayo lweNkosi oluyofika, lapho wonke umhlaba uyosha njengamabibi; lungakafiki lolosuku, Ngiyakuthuma uElija."

90 Futhi kwakungesuye uJohane, ngoba iNkosi ayizange iwushise umhlaba ngenkathi kufika uJohane. Futhi uma niqaphela, futhi esahlukweni sokugcina, evesini lokugcina, Wathi, "Futhi u (bhekisisani; yena, ekhuluma . . .) yakuphendulela izinhliziyo zawoyise kubantwana, *ne*zinhliziyo zabantwana koyise."

91 Manje bhekisisani! UJohane wokuqala wafika, uElija wokuqala, wenzani na? Wafika futhi waletha uMlayezo wayesephendulela izinhliziyo ezindala ezilukhuni zomthetho ekukholweni kwebandla eliselincane, abantwana. Kodwa ngenkathi kufika uElija olandelayo, esikhathini sokuphela, uzobuyela emuva bese ethatha izi—zinhliziyo zawobaba . . . izinhliziyo zabantwana, njalo, bese ezibuyisela ekuKholweni kobaba bephentekoste. Niyawubona umehluko na? Akazukuba suye omunye walaba lapha aba *bizwa kanjalo* esinabo namhlanje, uyobuyela ngqo eZenzweni 2 bese eqala kusukela lapho ngqo. Uyoshumayela iVangeli elimsulwa, asho izinto ezifanayo nje uPetru azenzayo ngoSuku lwePhentekoste, ngoba akusho ePhentekoste kuqinisekise yonke imiBhalo kwayophumela ngale. Akazukusontasonta nenye inhlangano, uma uElija efika. Uyobazonda abesifazane njengoba kwenza uElija, njengoba nje . . . noma abesifazane ababi, njengoba kwenza uJohane nje. Uyoba ngumthandi wehlane njengoba babenjalo nje. Akayikuhawukela. Sibheke yena ukuba afike. Uzofika! UNkulunkulu wathi uyofika, futhi uzoba lapha!

92 Ngiyakholwa, uma noma yini, uMlayezo esinawo namhlanje uzokwandulela lokho kufika okukhulu kwakhe. Yebo,

mnumzane! Usesendleleni yakhe, usevele uzelwe. Njengoba uElija wayenjalo, futhi ufika eqhumisa ephuma ehlane, ndawondawo uyozazisa yena. Uyoshumayela iZenzo 2. Uyoletha ukuKholwa kwalaba obaba abadala bephentekoste babuyele ngqo e. . . ukukholwa kwalababantwana bephentekoste, babuyele ngqo ekuKholweni kobaba bephentekoste. Uyohamba ngqo, abuyele eZenzweni 2, iZenzo 2:38, kwehle kwedlule njalo. Uyoletha elangempela, iVangeli elimsulwa. Akazukuzihlanganisa ngalutho noJezebeli nenqubo yakhe. Uyoba yinceku kaNkulunkulu. Impela uyoba yiyo! IBhayibheli lathi uyofika. Uyoprofetha futhi aqhumise uMlayezo wakhe ebusweni balaba oJezebeli, impela nje njengoba kwenza uElija ekuqaleni kuIsrayeli. Bayomzonda! Abayikubambisana naye. Qhabo, qhabo. Uzofika! UNkulunkulu wakwethembisa, futhi uzovuka enkundleni. Uzo—uzoshumayela eBandleni eliKhethiwe njengoba Lathi uyokwenza, enyakazisa lowo oKhethiweyo, ethintitha okwenyama kusuke kukho, i—izwe nezinto, ekuthintithela phansi, elibilisela phansi, ehlanganisa iBandla ndawonye, abantu.

93 Ngiyazi wena uthi, "Lelo yihlelo lami." Mfowethu, unephutha! UJohane wafika njengenqubo yomuntu oyedwa ukuzokwethula uMuntu Oyedwa: uJesu Kristu. NoElija akazukuba yinqubo, kuzoba ngumuntu, uJesu washo njalo. Kuzoba ngumuntu oyedwa ogcotshwe ngoMoya oNgcwele. Futhi angeke ethule noma yibaphi onkulunkulu abathathu noma abane, uzokwethula Oyedwa: iNkosi uJesu Kristu, ngoba uMlayezo wakhe uzonyakazisa abantwana bephentekoste babuyele ekuKholweni kobaba futhi.

94 Khumbulani, mfowethu, uma ngisho lezizinto ukuba ngicasule, ngidinga ukuba se altare. Ngiyanitshela "ISHO KANJE INKOSI!" Uma uNkulunkulu engaqinisekisanga ukuthi nginitshele iQiniso, esizweni jikelele, umhlaba jikelele, khona-ke ngitsheleni ukuthi iphutha laba kuphi. Nginitshela iQiniso! Buyelani kuNkulunkulu, ngokushesha! Phumani kulezizinqubo, ngoba iBhayibheli lasho eNcwadini yeSambulo, ukuthi ukubusa ezindabeni ezingcwele kweRoma eliKatolika kwakuyi "sifebekazi," futhi sasingu "nina wezifebe." Yini leyo na? Amabandla, izinqubo.

95 Futhi kukuphi lapho ibandla leMethodisti, kukuphi lapho ibandla lamaLuthela, lavela khona na? Kukuphi lapho iMethodisti, iBaptisti, zavelaphi zonke izinhlangano na? UNkulunkulu akazange ahlele ibandla. Ibandla eliKatolika bathi baqala emuva lapho, "UJesu wahlela ibandla." Ngifuna—ngifuna ikhasi emlandwini, noma ikhasi eBhayibhelini. Yayingakaze ibekhona inhlangano iminyaka engamakhulu amathathu nesithupha emva kokufa komphostoli wokugcina, base-ke bebumba uMkhandlu waseNayisiya futhi benza inhlangano. Futhi ngenkathi uLuther ephuma . . . wayeyindoda

kaNkulunkulu enkulu, kodwa kwathi nje angahamba, leloqembu elincane labantu lawela lase libumba enye inhlangano. Kwase kuthi uMoya oNgcwele waphuma waba phezu kukaJohn Wesley, akazange ahlele lutho, kodwa emva kokuba esehambile base-ke behlela. Wase-ke uMoya oNgcwele engena namaPhentekoste, futhi baphuma kwiMethodisti. Futhi kwenzekani na? Base-ke *be*hlela.

96 Kodwa kuyoba yinqubo yomuntu oyedwa ofika ngamandla nogcobo lukaElija, ukugcwalisa isiprofetho. Haleluya! Uyolinyakazisa. Futhi, khumbulani, waprofetha kubo, futhi waprofetha, futhi wabatshela zonke izinto, noNkulunkulu wasebenza naye. Kodwa uMlayezo wakhe wasekugcineni wahlaselwa eHlala Mongameli. Ehhe. Ngenkathi uJohane efika, uMlayezo wakhe wasekugcineni wahlaselwa eHlala Mongameli langalolosuku. UMlayezo kaElija wasekugcineni, ngenkathi ehamba ehla ngalowomgwaqo ngalokho kusa emva kokuba seBukhoneni bukaNkulunkulu phandle lapho, wahamba wehla ngalowomgwaqo noboya obudala konke kuye, ikhanda lakhe elinempandla licwebezela, ubuhwanqa bubhebhezela, lawo amancane, amehlo amadala lalikhazimula inkazimulo kaNkulunkulu. Leyonduku esandleni sakhe, nezinyawo zakhe zihamba zingaxhamazeli ngakho konke nje. Wenzani na? Ehamba ehla ngqo evela eSamariya eyongena ebukhoneni beHlala Mongameli, futhi ethi, "ISHO KANJE INKOSI!" Engesabi lutho. Amabandla ayemenqabile, abantu babemenqabile, ngakho manje unikeza ukuhlasela kwakhe osekungokokugcina, phezu kweHlala Mongameli.

97 Kwase kwenzekani-ke emva kwalokho na? Lalelani! Emva kwalokho kuhlasela, iphimbo lakhe lase lithula, akukho-muntu owaphinde wamuzwa. UNkulunkulu wambiza wasuka enkundleni, wathi, "Elija, usuwazisile uMlayezo wakho kuwo wonke uIsrayeli, bayaWazi. Manje yenyukela lapha ehlane, suka kubo, zahlukanise ngoba kukhona eNgizokwenza. Ngizobakhombisa ukuthi kunjani ukwenqaba uMlayezo waMi." Kwangenani na? Impi, indlala, ukubulawa yindlala.

98 USHO KANJE UMOYA ONGCWELE, "Bhekisisani ukuthi yini ezayo! Bhekisisani ukuthi yini ezolandela! Kwakukhona indlala, ku*yobakhona* indlala!" O, mhlawumbe kungabi ngeyesinkwa, kodwa eyokuzwa iZwi likaNkulunkulu neQiniso laKhe. Onke amabandla ayoba nokuhlalisana futhi aqhubekele phambili ngqo ayongena kukho ngokufanayo nje, njengoba nje bese bevele begwinywe lombolozi nakho.

99 Wenzani uElija na? Wathola isiphethu esifihlakele, phezulu le entabeni lapho athola khona Amanzi okuPhila, izambulo zobuNkulunkulu ezivela kuNkulunkulu lapho ehlezi phezulu lapho phansi kwamandla kaNkulunkulu.

Izambulo ziyisiphethu esincane esifihlakele, ngenkathi bonke abanye wayebulawa yindlala. NoNkulunkulu uyazibusisa izinceku zaKhe (lawomagwababa), amlethela okuthize ukuba adle esahlukaniswe kubantu waba yedwa. Futhi babesezansi lapho bebulawa yindlala befuna imvuselelo nakho konke kuqhubeka. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] "Ungabe usazizwa izimvuselelo zakhe e. . . Uphi lowo omdala ongahlahlile ekhanda uhamba ejikeleza eqhumisa izinhlangano zethu na? Ukuphi manje na?" Babengazi. Wazindonsa yena uqobo waba noNkulunkulu, phandle endaweni ehlukaniselwe yena yedwa lapho abangalizwanga iphimbo lakhe. Base-ke beqala ukubona.

100 Nxa uNkulunkulu ethumela uMlayezo futhi atshele abantu, futhi bengaWemukeli, khona-ke Uyayihoxisa inceku yaKhe bese ethumela izinhlupho zaKhe: indlala, ukufa (ukukhuluma ngokomoya, ngokomzimba futhi). Bhekisisa ukucindezeleka, mfowethu. Nicabanga ukuthi kukhona enikubonile, lindani nje emva kwesikhashana. Anikaboni lutho. Nicabanga ukuthi nifela imvuselelo enhle yomoya, lindani kuze kube semva kwesikhashanyana. Lindani nje, kade bese nikhalela ukuzwa iZwi likaNkulunkulu. IBhayibheli lasho njalo! "Kuyobakhona indlala ngezinsuku zokugcina," kwasho umprofethi, "futhi kungabi ngeyesinkwa namanzi kuphela, kodwa eyokuzwa iZwi likaNkulunkulu leqiniso." Kodwa lelophimbo liyothula, ehlane ndawo ndawo, lifihlwe.

101 Wamisela amagwababa, izinceku zaKhe. Ubusisa lezozinyoni, izinceku zaKhe, ezagcina iphimbo lika—likaElija liphila ngesikhathi sokwehlukaniswa kwakhe—kwakhe nebandla abe yedwa. Amagwababa amlethela inyama nesinkwa ekuseni, nenyama nesinkwa kusihlwa, futhi waphuza emthonjeni omncane ngenkathi bonke abanye ezansi lapho babenza bengenakudla kokomoya namanzi.

102 Kwase kuthi ngoluny'usuku, emva kokuba isono sase sidlangile, noNkulunkulu wayeselethe abantu baKhe emadolweni abo. . . UJezebeli wathatha yonke into, wakushanela konke, futhi uzokwenza futhi! Lowo ngu LISHO KANJE IBHAYIBHELI LIKANKULUNKULU ELINGCWELE, "Uzokwenza futhi." Usesihlalweni sobukhosi ngqo manje, emva kwenhloko ngegama; ekusontela noma ngaphi la efuna ukuya ngakhona, akukho-muntu ozommisa. Impela, akukho-muntu ozommisa manje, ngoba lokho ababengeke bakuthole eziyingini zezenkolo bayakunquma bakunquma konke kungene kwezombusazwe, futhi lapho bakwenzile. Ehhe, yilokho impela abakwenzile. Okungukuthi, okwezombusazwe kuzoba ngukuduba impela nje kubuyele ophawini lwesilo, impela njengoba nje ngimi lapha, niyabo, njengoba iBhayibheli lasho.

103 Ngiyazi sishiywa yisikhathi, ngizosheshisa. Ngifanele ngifake lelizwi lokugcina, uma iNkosi izongivumela.

104 Bhekisisani! UElija wahlala phezulu lapho uNkulunkulu waze wamgudluza. Wayengenazimvuselelo. Akashumayelanga ngokuphikisana nalutho. Wavele nje wama phezulu lapho enoNkulunkulu kuphela, phandle ehlane, ngoba wayeyindoda yasehlane. Wakhuliswa ehlane. Kanjalo noJohane wakhuliswa ehlane.

105 Waphumela ehlane eyedwa noNkulunkulu, wasuswa ebandleni emva kokuba enikeze uMlayezo wakhe. Nebandla laWenqaba, laWenqaba. Futhi ekugcineni izinhlangano zazingenzi lutho, ngakho nje wadingeka ukuba agudluke aphume. UNkulunkulu wambiza asuke enkundleni, wamthatha wamkhiphela ehlane, wathi, "Phuma uze lapha, ngeke besalalela. Woza, manje-ke Ngizophosa ukwahlulela kwaMi phezu kwabo." O, yebo, uzoba lapha ngolunye lwalezizinsuku, bhekisisani.

106 Manje-ke, emva kwezinsuku zesiprofetho sakhe, kwenzekani na? Ibandla lafehlenyeka, ingebhe enkulu kaJezebeli, wazithathela wona, wawagwinya onke lombolozi. Wazithathela wona, futhi wakha izixhobo nakho konke okunye.

107 Kodwa, ngoluny'usuku, uNkulunkulu wambiza aphume futhi! Nangu ephuma. Lalelisisani manje, futhi ningangithukutheleli. Ngisho u, "ISHO KANJE INKOSI!" Ngenkathi ephuma, wenzani uNkulunkulu na? Wamthumela kumfelokazi. Wake waba—ba namandla endoda phezu kwekhanda lakhe, kodwa kwathatha ukufa ukumkhulula ukuze akwazi ukukholwa yiZwi lomprofethi. Niyakuqaphela lokho na? Wayenomyeni owayemqondisa le na le, kwesinye sezikole ezansi lapho. Kodwa ngesikhathi salesisomiso esikhulu, wayegwinyiwe lombolozi, ukufa kwakumthathile. Wayengasahhukekile kunoma yiyiphi inhlangano, ngakho wayeselungele manje ukuzwa iZwi leNkosi. Owesifazane, echaza iBandla; umfelokazi, ukuthi umyeni wakhe (inhlangano) wayesefile, futhi wayecabanga kuphela nje du ukuthi useziphilela ngesingaye. Futhi uNkulunkulu wathi, "Yehlela kuye manje, uzokuzwa, Ngimyalile."

108 O, siyacabanga ngezinye izikhathi, nina qembu elincane lapho enethembeke kakhulu futhi nenza konke eningakwenza ukuba nibe nomhlangano, ukuzama ukubonisa kubantu ukuthi inhliziyo yenu ikahle futhi nifuna ukubathola babekahle, nicabanga ukuthi ninesikhathi esilukhuni. Kodwa, khumbulani, uNkulunkulu uneso laKhe liphezu kwenu! NiyaMthanda, ngiyazi niyaMthanda, beningeke nihlale lapha, beningeke nethamele noma yiyiphi into enjalo. UNkulunkulu uneso laKhe liphezu kwenu. Yebo!

109 Futhi ngenkathi ekwenza, umyeni wakhe wayesefile, inhlangano yakhe yafa, ngakho manje uselungele ukuzwa iZwi lomprofethi. Ngakho ngenkathi kufika umprofethi esangweni futhi wamcela a—amanzi amancane, wahamba ukuyowalanda. Wayesethi-ke, "Ngiphe ingcosana yokudla."

110 Wayesephenduka wayesethi, "Kuphila kweNkosi, anginalutho kuphela okwenele nje."

111 Manje, kwakubukeka sengathi wayethunyelwe ukuthatha lokho okuncane ayenakho, kodwa kwakuphambene nalokho. Ngenkathi evuma ukunikela ngalokho ayenakho ekusekeleni okweZwi, uNkulunkulu wamondla. Futhi uma uvuma ukunikela uMoya onawo, lokho uMoya uNkulunkulu akunike khona ukusekela okweZwi, khona-ke uNkulunkulu uzokugcina uphilile. Haleluya! O, udumo kuNkulunkulu! Niyakubona, bandla na? Ningacabangi ukuthi ngisangene, anginjalo. Kodwa onakho, okuncane okwenzayo kholwa nguNkulunkulu, ukukholwa onakho, kubeke eZwini, hhayi enhlanganweni! Kufake eZwini likaNkulunkulu, Uzokugcina uphila.

112 Wayeselungele-ke, ngoba wayengenakukwenza ngaphambili, ngoba babengeke bamvumele. Kodwa manje uselungele. Uzokwemukela na? UNkulunkulu wathumela umprofethi endleleni yakhe. Uzolemukela iZwi laKhe na? Uzomemukela lomprofethi na? Yebo, wakwenza. Futhi wamtshela, wathi, "Manje, lokho kuphila okuncane onakho, kubeke phakathi lapha, kulethe kimi kuqala." Futhi kwenzekani na? Ngenkathi lonke izwe lalifehlezela futhi libulawa ukulamba, yena nabantwana bakhe nabendlu yakhe bonke badla ukudla okuhle kathathu ngelanga, isambulo sobuNkulunkulu eZwini. Ngiyethemba niyakubona, bangane.

113 Kwaqhubekani na? Wahlala lapho kwaze kwaphela indlala, ehlala nalona wesifazane (leliBandla) elamemukelayo futhi lakholwa iZwi lakhe. Futhi wamgcina ephila (wagcina iBandla liphila) ngeZwi leNkosi, ngoba wathi "ISHO KANJE INKOSI."

114 Manje, asinaso isikhathi sokukhipha yonke indaba, niyazi, ukuthi wayefanele afike kanjani kwelamanqamu noBali. Uzokwenza, ngolunye lwalezizinsuku, ungakhathazeki. Ngenkathi eza egqishazela ephuma kulelohlane, bhekisisa ukuthi kwenzekani.

115 Kwenzekani na? Kwase kuthi-ke ngenkathi olungileyo, uElija omdala, umprofethi, inceku kaNkulunkulu yeqiniso, isifika ekugcineni komgwaqo wayo, uNkulunkulu wamtshela, ngoluny'usuku, wathi, "Elija, usushumayele isikhathi eside ngokwenele manje. Ulwe noJezebeli nawo wonke upende wakhe nayo yonke into sewuze waba nokwenele kwakho." Wathi, "Woza wehlele eJordani!" Futhi nangu ehamba, wehlela eJordani. Lapho umfudlana omdala onodaka uza wehla ngaleya,

agodolisayo, amanzi awu ayisi, njengoba wonke umuntu ezobhekana nalo: iJordani, ukufa.

116 Kodwa ngenkathi lenceku kaNkulunkulu enkulu ihamba yehlela eJordani, nendodana yakhe ihamba ngakuye, indodana yeVangeli, . . . O, yebo, wayeyindodana yakhe, "Baba wami, baba wami, zinqola zikaIsrayeli, umgibeli-hashi-ke." Ngenkathi yena nendodana yakhe behamba bebambene ngezingalo, behlela eJordani, wayebhekisise ubaba wakhe esuka ngalokho kusa.

117 Ngenkathi ehlela eJordani, weluleka wayesekhumula leyongubo yamandla emahlombe akhe, wathi, "Kufa, ayikho into ongayenza kimi." Wayeseshaya iJordani, "Deda, ngiyawela kulokhu ukusa." Kwenzekani na? Lahlehla lase loma njengophawuda. Wayenzani umprofethi omdala na? Wayebuka ngaphesheya kweJordani, wayazi ukuthi kwakukhona inqola eyayimlindele laphaya namahashi. Wayeya ekhaya, umsebenzi wakhe wase uphelile. Indodana yakhe eVangelini yayithatha indawo yakhe.

118 Ngangiza ekhaya ngoluny'usuku ngivela ngaphandle eNtshonalanga. Lokhu kuyafika engqondweni yami. Ngavula umsakazo (ngangidingeka ngishayele izinsuku ezintathu, amamayela angamakhulu angamashumi amabili-nane, ngingedwa). Ngavula umsakazo ngase ngi . . . ngizwa ezikamoya ziphuma kuDel Rio, eTexas. Kwakukhona indoda eyenza inkulumo mayelana nelidala, ikhaladi, indoda eyinigro. Yayisizofa futhi yayidingeka ize yehlele emfuleni, yathi, "Lawo mahliphasi egolide engizowagqoka, ukuba ngihambe ezitradini zegolide." Lelinigro elidala lalishumayele yonke impilo yalo nento kuphela elaliyicabanga okwakuyinduduzo, elalinayo, kwakuyisiginci salo esidala ibanjo esasilenga obondeni. Lalihlala phandle emabheleni kakotini bese lidlala amahubo, liziphumuze enkonzweni yalo, nesiginci esidala ibanjo. Yileyondlela elalinayo, ukuba liziphumuze. Lathi ihashi elidala elinomsila onqindiwe elalivame ukulishayela lalizoba sezansi lapho nenqola. Ngangicabanga ngawo. Lathi, "Lawomahliphasi egolide engizowagqoka, ukuba ngihambe ezitradini zegolide."

119 Futhi uma seliqedile ukucula, ngawucisha umsakazo. Futhi ngangihamba lapho, ngibambe isondo. "O, kunjalo. Ngifanele ngize ngehlele lapho nami. Yini engaze inginike induduzo na? Ngiyitholaphi induduzo yami ehlane na?" Nginesincane, esidala isibhamu esibizwa nge . . . Ngizingela ngaso ekwindla lonyaka. Siyi.270, imodeli 721, iRemington. Indoda, umfowethu, ungipha sona, eCalifornia, eminyakeni eyedlula. Sekuyiminyakanyaka ngizingela ngaso. Kanjani . . . besiyinduduzo kanjani nje, ngoba ngi—ngiyazi ukuthi siyinganono edubula kahle, futhi siyinduduzo yami ehlane.

120 Ngase-ke ngicabanga ngombono wami. Ngenkathi ngifika laphaya futhi ngabona bonke abantu bami, ngezwa into ethize engukukhala kwehashi, futhi nakhu kuza uPrince wami omncane (ihashi lami elincane eligitshelwayo) lase libeka ikhanda lalo phezu kwehlombe lami. Ngacabanga, "Yebo, ngokunye kwalokhu ukusa ngiyeza ngehlela nami, eJordani." Nesidala i.270 engangivame ukusi. . . silenga obondeni. Angikaze ngisibeke phansi kusukela le ekwindla edlule. "Lelohashi elincane eligitshelwayo engangivame ukuligibela, uNkulunkulu ubeyolihhuka enqoleni yami, ngalokho kusa ngenkathi ngiza ngehlela emfuleni." Liyobe limi nje ngaphesheya komfula lapho. UNkulunkulu uyolithumela, ngilibonile ngobunye ubusuku. Liyobe lihhukwe enqoleni yami, ngokunye kwalokhu ukusa. Ngiyobe sengingasekho, ngikhwele ngikhuphuke ngidabule emafini.

Asikhuleke.

121 O, kulawomandla kaNkulunkulu engizowajabulela lapho ngihamba lezozitradi zegolide! Yebo, isibhamu esidala manje esilenga obondeni, ngeke sisaba namsebenzi ngalesosikhathi. Ngiyamangala, uma inqola yami iza, uma ihashi lami elincane eligitshelwayo engilibone embonweni liyobe lihhukwe enqoleni yami, ngalokho kusa, ngimi ezansi emfuleni. Ngiyethemba linjalo. Ngifuna ukuhlwithwa. Ngifuna iBandla likhuphuke kanjalo nalo, nginifuna nonke.

122 Ungathanda ukwazi ukuthi uzoza wehlele nini eJordani na? Ungazishiya lezi izinqubo zokungamesabi uNkulunkulu zalelizwe bese wemukela uJesu Kristu njengoMsindisi wakho na? Uma ungesuye umKristu, ungaziphakamisa izandla zakho bese uthi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham. Uma ngifika eJordani, . . . "? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. "Uma sengiza ngehlela eJordani, ngifuna ukuthatha amandla kaMoya oNgcwele ophezu kwami bese ngishaya amanzi amaningi agodolisayo, bese ngihamba ngiwela."

123 Ungahlala kanjani phansi kokukhuluma okunjalo, ugcobo lukaMoya oNgcwele, futhi wazi ukuthi uMoya oNgcwele ungitshela isimo sakho, bese wehluleka ukuphakamisa isandla sakho na? Kukhombisa ukuthi sekuyisikhathi sohambo lwasehlane! Angabakhona yini oyedwa ngaphambi kokuba sikhuleke, omunye na? Kukhona ababili abaphakamise izandla zabo; bathathu, uNkulunkulu akubisise, ndodana.

124 Baba wethu waseZulwini! Abathathu; lokho kuzoba kuhle kakhulu, Nkosi, uma belapho nje ngalolosuku. Ngikhulekela ukuthi bayoba lapho, Nkosi. Baphakamise izandla zabo ngoba bakholisekile ukuthi lezizinqubo zezwe ziyafa, namaphimbo eZwi likaNkulunkulu masinya kuzoba yinto el'khuni ukuyithola, uNkulunkulu uzolisusa ebandleni. Ukukhala, ukubiza koMyeni ngokushesha kuzosuka nenqubo kaJezebeli

izoligqiba. Kodwa bafuna ukuba ne. . . baphile ngalesosiphethu esifihlakele njengoba uElija wayezolondolozwa ngesikhathi sendlala. UNkulunkulu ubapha uMoya oNgcwele manje, agcwalise izinhliziyo zabo ngenjabulo nokuthula, bese efaka imiqondo yabo phezu kweZwi likaNkulunkulu ukuze baphile manje nasemva kwalapha, kuze kube-phakade. Babusise, Baba. BangabaKho, ngoJesu Kristu iNkosi yethu.

Namakhanda ethu ekhotheme:

125 Labo abaphakamise izandla zabo futhi ofuna ukuvuma uKristu, ungasukuma nje ume ngezinyawo zakho, umzuzwana nje, ngisanikhulekela umuntu ngamunye na? Sukumani nje nime ngezinyawo zenu.

126 O Nkulunkulu, ngabe ngehlulekile na? Ngisho nabathathu abaphakamise izandla zabo, ngaphandle kokuhlabeka ukuba basukume bame ngezinyawo zabo ukuba bavume yona impela into abayenzile. Nkosi Jesu, ngikunikela konke ezandleni zaKho. Ngishumayele iZwi laKho, futhi angangaxegisa kunoma yiliphi. Manje ngi—ngiyishiyela kubo indlu, Baba. Yenza noma yini efanele ngakho kokubili ibandla nenceku yaKho, konke kusezandleni zaKho.

127 Baba, ngikhulekela ukuthi Uzosindisa abalahlekileyo, ugcwalise abanhliziyo zilambile ngezinto ezinhle, yipha ukuPhila okuPhakade kulabo abomile, vusa izinceku zaKho ukuba zimemezele uMlayezo, yipha ukuphiliswa kwabagulayo nabahluphekileyo, thola inkazimulo kuWe uqobo, ngokuba ngizinikela kanye neZwi laKho. Nasesandleni sami, nasenhliziyweni yami, nasengqondweni yami, loba imiThetho yaKho, ngoJesu Kristu iNkosi yethu. Amen.

Uma ngifika emfuleni ekupheleni kosuku,

Ngingeke ngilicule lelo.

Futhi kubukeka sengathi abangani bami sebashona bonke;
Uyobakhona uMuntu olindile oyongikhombisa indlela,
Angiyikuwela iJordani ngingedwa.

128 Uwakhiphile amakhadi omkhuleko, Bill na? Ngizwa ngisindwa. Yimaphi owakhiphile namhlanje na? UB? Ukhipha oA futhi, awubakhiphanga na? Kulungile, babize. OB kuqala, elokuqala kuya. . . Ikhadi lomkhuleko B, wokuqala. Sizokhulekela ukugula kwenu. UB, wokuqala, ubani onalo na? Ikhadi lomkhuleko uB, lokuqala, omunye emuva le ngemuva. Yenyukela lapha, nenekazi. UB, wesibili, phakamisa isandla sakho. Lelonenekazi? Owesithathu. UB, wesithathu, ngicela uphakamise isandla sakho, ukuze ngibone ukuthi kukuphi. Owesithathu? Owesine, uB, wesine. UB, wesihlanu. Ngicela uphakamise isandla sakho, uB, wesihlanu. Leyondoda?

Kulungile, owesithupha, owesikhombisa, owesishiyagalombili, owesishiyagalolunye, oweshumi, oweshumi nanye, oweshumi nambili, oweshumi nantathu, oweshumi nane, oweshumi nanhlanu. Awu, lapha, bonke oB abasukume, empeleni. Nje . . .

Lokho . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . zaya ezweni lonke, zonke izithunywa zenkolo ensimini, noma yikuphi lapho ezingakwazi khona.

129 Onke amakhadi omkhuleko kaB sukumani bese nithatha indawo yenu ngokwezinombolo zenu.

Manje, bekuyimaphi alandelayo na? UA? Ubani onekhadi lomkhuleko uA, elokuqala? UA, wokuqala, likuphi na? Impela liphakathi lapha. UA, wokuqala? Sekuyizinsuku ezimbili ekhishiwe, noma ezintathu manje, ngakho bangahle bangabibikho lapha. Wonke onekhadi lomkhuleko A, manje shayani umugqa ngapha. Hambani ngqo ngale nencike ubonda, ngenhlonipho.

130 Ngifuna ukukhuluma nani eningenawo amakhadi omkhuleko, umzuzu nje ngaphambi kokuba kuqale umugqa.

131 Manje, nekhadi lakho lomkhuleko, libambe ngezandla zakho ukuze abafana bakwazi ukwemukela ikhadi lakho lomkhuleko. Kade ulindile, ufika ngaphambi kwesikhathi kusihlwa ukuba uthathe ikhadi lakho lomkhuleko, futhi unelungelo lokuza emgqeni. Nginethembisile, ukunikhulekela. Manje ngizozama ukugcina isithembiso sami, uNkulunkulu engisiza.

132 Umfana wakho lowo na? Indoda encane ebukekayo ngempela. Ngiyacela ngithethelele. Lona wesifazane lapha ungumfanekiso omuhle womMelika wangempela. Umfana wakhe omncane, i-ovaloli encane nejakhethi enemishwe. Owesifazane omncane onezinwele ezinde, ugqoka kahle. UNkulunkulu akambusise nekhaya lakhe, nomyeni wakhe, abathandiweyo bakhe. Leyo yi U.S.A., yangokoqobo ngempela, eno “buKristu” wabhala phezu kwakho. Sengathi amazwe akithi angaba njalo isikhathi eside! Ngithethelele, nenekazi elincane, ngokusho lokho, kodwa nje ngi . . . ukuze abantu babone ukuthi yini engicabanga ukuthi ibukeka ifana nomKristu; akukho kuqhatha izinzipho, ukuthi yizinto ezinjani, inenekazi nje.

133 UNkulunkulu akubisise, Mfowethu Sullivan.

134 *INyanga eNkulu,* uma uthanda.

> INyanga eNkulu manje iseduze,
> UJesu onozwelo.

135 Niyakholelwa kuYe na? Niyakholwa yini ukuthi UyiNyanga eNkulu na? Manje hloniphani nje umzuzwana nje. Sisenesikhathi esincane okwamanje, ngiwunqamulile umlayezo waba mfishane nje. Ngiyethemba niwutholile, nokho, ukuthi ubuchaza ukuthini. Kholwa nje ngenhliziyo yakho yonke. Uma

bonke sebeshaye umugqa, omunye emuva lapho ukuba ashayise abantu umugqa. Okeyi? Uthini? Manje wonke lowo onamakhadi omkhuleko umile.

136 Niyakholwa khona lapho, futhi, ningenamakhadi omkhuleko na? Uma nizoba nokukholwa, uNkulunkulu uzo*ku*biza. Manje, onke amakhadi omkhuleko emgqeni.

137 Leyontombazanyana ehlezi emuva lapho, enomlenze omubi, ngenhla lapha kule . . . Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzowuphilisa na? Uma ukholwa, yiba nokukholwa nje noNkulunkulu uzokupha khona.

138 Uyacabanga ukuthi uyihlo uzophila na? Uyakholwa, ungaba nakho.

139 Uthini ngawe khona lapho, ukhulekela umshana wakho oguliswa yimizwa na? Ucabanga ukuthi uNkulunkulu uzomphilisa na? Nenekazi, ohlezi khona lapho, uma ukukholwa, ungaba nakho.

140 Nonke nizokholwa na?

141 Manje ngifuna . . . Bangaki ababazalwane bami abalapha, abashumayeli beVangeli, abashumayeli beFull-Gospel kumbe noma bangobani, okholelwa ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu na? Phakamisa izandla zakho. Ngithanda ukuba nize lapha ningisize ukuba sikhulekele lababantu, ukuze abantu babone ukuthi akusimina nje engikhulekela abantu, ningakwenza nani. Wozani lapha bese nima emsamo kanye nami. Nizokwenza, bazalwane, nina befundisi na? Wozani khona lapha bese nima ngokulinganisana khona emsamo. Kuhle lokho. Ngiyanibonga, bazalwane. Ngiyanibonga. Wozani ngaphambili ngqo, bazalwane, wozani.

142 Nithini? [Omunye uthi, "Singawenza umugqa oyidabuli lapha na?"—Umhl.] Yebo, ningawenza. Yenzani umugqa oyidabuli khona lapha, kuzoba kuhle. Kuhle lokho. Manje jikisa lokhu ngenye indlela, mfowethu. Jikani kanje, ngizoletha abantu bedlule khona lapha. Manje abanye benu wozani ngakuloluhlangothi lwami, phakathi khona lapha, uma nithanda, nime nizungeze lelicala. Nakho-ke.

143 Manje, ezethamelini, niyawabona lawa amadoda anomoya omuhle lapha na? Angamadoda azoma khona phezulu lapha, futhi amele leliVangeli elifanayo engilishumayelayo. Niyabo? Eza lapha ngoba ayakholelwa kuLo. Manje benifanele niziqhenye ngomelusi wenu ozozikhombisa kulomsamo lapha, okunzima, ukushumayela okunamandla. Lawa ngamadoda anesambulo, aziyo ukuthi . . . hhayi mina ngimelene namadoda, ngezinye izikhathi sithola ukuhhukeka ezinqubweni esenza . . . Lezozinqubo yilokho esimelene nakho; hhayi indoda, inceku kaNkulunkulu.

144 Manje, ukuba besinokubona okufihlakele kwawo wonke umuntu lapha, yisikhathi eside kangakanani enicabanga ukuthi bengizoba naso lapha na? Bengizoquleka uma sengifike cishe . . . emva cishe kowesithupha, owesihlanu noma owesithupha, oweshumi; ngaphezudlwana, mhlawumbe uhhafu, ikota lomugqa, bengizobe ngingasekho, abasele babo bebengeke bakhulekelwe. Ngeke sakwenza lokho. Futhi njengoba ku . . . kodwa anidingeki ukuba nibe nalokho. Uyazi ukuthi yini inkathazo yakho. Uyazi ukuthi wenzeni, manje vuma izono zakho. Uma noma yimuphi wenu khona lapho enelilodwa ichashazi lokungabaza enhliziyweni yakho, kuthathe ukukhiphe khona manje bese utshela uNkulunkulu ukuba akuthethelele. Uma ungalungisene noNkulunkulu, tshela uNkulunkulu akuthethelele. Uma ungakwenzi, futhi ungalungisene noNkulunkulu, akuzukukusiza nakanci ukuphumela lapha. Uchitha isikhathi sakho nje. Lokho kuqinisile. Manje, ngabe kunjalo, bazalwane na? [Abazalwane bathi, "Amen"—Umhl.] Kunjalo.

145 Bukani lapha. Nakhu kumi uMfowethu Kidd lapha. Kwathi angiklebhule amathayi aphume emotweni yami ukuze ngifinyelele kuye, cishe unyaka noma emibili eyedlula, uku . . . Wayebulawa ngumdlavuza, ezofa ngalelolanga. Umkakhe wangitshela, wathi, "Phuthuma!" Wathi, "Uyafa manje." Sengifika lapho, iNkosi yamphilisa. Futhi nangu usamile. Ngicabanga ukuthi usekhuluphele ngesisindo *esingaka* nayo yonke into. Umakade kwasa ebona omdala, emuva, niyazi. Kwakuyilolohlobo lwendoda engangikhuluma ngalo, eminyakeni edlule, owashumayela; futhi walala ngqo kuleloZwi, nabantu bamhleka. Futhi yena nomkakhe behamba emizileni kaloliwe nakho konke okunye, naphezulu le ezintabeni, nezimayini zamalahle, futhi baphume bagijime, futhi baphoswe ejele, nakho konke okunye. Yileyondoda elwele ukuzuza umklomelo, yilolohlobo.

146 Manje, bazalwane, ngithi kini, mhlawumbe beningeke naba nomoya wokubona okufihlakele. Lokho akudingeki kube njalo, niyabo, lokho—lokho akunasidingo. Into yokuqala, uyindoda yeZwi. Ungcono kude le, abashumayeli abangaphezu kwalokho engiyikho, ngoba ngi—angisuye umshumayeli kangako. Kodwa ngi . . . kodwa ni—nigcotshiwe, noma yiyiphi indoda ebizelwe ukushumayela iVangeli ibizelwe ukuphilisa abagulayo; izimiso ezinkulu zingukuthi: "Hambani niye ezweni lonke futhi nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo. Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, kanjalonjalo, bayosinda." Uma ubizelwe ukuba ngumfundisi, ubizelwe ukukhulekela abagulayo.

147 Nesizathu sokuba ngenze lokhu ngukuba ukuze lezizethameli . . . ukuze zibone ukuthi azidingi ukuba zilindele

umuntu othize okhethekile, uOral Roberts, uTommy Hicks, uTommy Osborn, mina uqobo, umuntu oza ngenkonzo yokuphiliswa. Ngifuna bakubone ukuthi ningamadoda kaNkulunkulu. Niyabo? Uyindoda . . . Unalo impela nje ilungelo ukuba ubeke izandla phezu kwanoma yiyiphi yawo nje—njengami noma yimuphi omunye umuntu. Empeleni, bazalwane, nonke niyazi, njenga—njengabefundisi, ngukukholwa kwabo uqobo kuNkulunkulu okwenza umsebenzi. Kunjalo na? Sibapha umkhuleko nje.

148 Manje wena uthi, "Mfowethu Branham, ngabe uMoya kaMoya oNgcwele lapho ukanye nawe na?" Impela. Yebo, mnumzane!

149 Manje kini ezetha-. . . emgqeni lapho, uma nikholwa ngenhliziyo yenu yonke ukuthi uNkulunkulu uzoniphilisa, phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngizokwemukela."

150 Manje, woza lapha, dedelani leli—dedelani lelinenekazi lize lapha. Angikwazi, angikaze ngikubone. Uma uMoya oNgcwele uzongitshela, ukuze abazalwane bami lapha, ebukhoneni lapha obunje, ngakho bonke bemi lapho bengizungezile. Futhi akusikho lokho kuphela, abazalwane bami balapha, neNkosi yami ilapha. YiNkosi yabo, nabo. Manje, uma Izongitshela okuthize okungalungile ngawe, noma yini engalungile ngawe, uzokwazi noma kuyiqiniso noma qha. Ngifuna bona, ngifuna izethameli, ngifuna abantu laphaya ukuba babone ukuthi uMoya oNgcwele ulapha emsamo ukuba unikeze ukubona okufihlakele, kodwa lokho akuphilisi muntu. Kodwa uma Ezongitshela okuthize ngawe, owaziyo ukuthi angazi lutho ngakho, njengoba nje kwakunjalo owesifazane emthonjeni . . . Kungesilo uhlobo lodaba olufanayo, kodwa ngiqonde ukuthi owesilisa nowesifazane beqala ukubonana. UJesu, owesilisa othe ukuba phakathi nobudala, nalona owesifazane mhlawumbe wayengowesifazane osemncane, mhlawumbe njengawe.

151 Futhi uma Ethanda, ubengangitshela ukuthi uzengani lapha, inkathazo yakho, ungakholwa ukuthi kuzofanele kube nguMoya waKhe ozokwenza na? Nina bazalwane niyakukholwa na? Ukuthi iNkosi uJesu ofanayo umi lapha na? Nina zethameli nikholwa yinto efanayo na? Nina emgqeni womkhuleko ningakholwa into efanayo, futhi nazi ukuthi lawa amadoda . . .? Bengingawabizela phezulu lapha uma bengicabange ukuthi abenga . . .? Emva kokushumayela kanje, nokusho izinto enginazo, bese kuthi-ke ngibizele amadoda phezulu lapha ebingafanele na? Bengingeke ngakwenza lokho. Bengiyobe ngehlula yona impela into ebengiyilwela. Niyabo? Ngiyakholelwa kuwo. Ngiyakholwa ukuthi angamadoda kaNkulunkulu.

152 Manje bonani ukuthi uMoya oNgcwele umi ngokusondele. Ukukhuluma nawe nje, ngizama . . . Wena uthi, "Wenzani,

Mfowethu Branham na?" Into efanayo uJesu ayenzile ngowesifazane, wathi, "Ngiphuzise," Wayezama nje ukukhuluma kuye umzuzu, athole ukuthi yayiyini inkathazo yakhe.

153 Inkathazo yakho ngukwethuka, yilokho okukuphethe. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Manje, impela alikubheki. Liyakubheka, bazalwane na? Alikubheki, kodwa iyilokho inkathazo yalo. Sekuyisikhathi eside linjalo. Njalo uwela amabriji akho ngaphambi kokuba ufike kuwo, kanjalonjalo. Lokho kuqinisile. Ngukwakhiwa kwakho, wenziwe ngaleyondlela nje, uyethuka; njalo ubona sengathi kukhona into ethize ezokwenzeka, ayenzeki. Ngezinye izikhathi udeveli uyakutshela, "Akukho lutho kuLo, ngukuthi nje uyahlubuka, ungaphesheya komugqa." Angifundi wona umqondo wakho, kodwa ngifunda lokho oku . . . Ngazi lokho akhulume ngakho kuwe, ngoba ngiyabona ukuthi yini ewele umqondo wakho.

154 Manje, uJesu wayeyibona imicabango yabo. Kunjalo na? Awu, yilokho okwenzeke khona manje. Kunjalo na? Lapha, ake ngikutshele okuthize, ukuze wazi. Lapha umele ngempela omunye umuntu. Kunjalo. Yileyonto, uyabo, ubungeke wakubamba kwaze kwaba yileyonkathi. Manje, uma iNkosi izongembulela ukuthi umeleni lapha, okomunye umuntu, uzongikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Kungokukamama wakho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi inkathazo yakhe iyini na? Awu, unokukhathazwa yinhliziyo, unomfutho wegazi ophakeme, amatshe enyongo, izifo ezixakile. Kunjalo. Akusikho na? Uyabo? Manje, lowo nguMoya oNgcwele. Akusuye na?

155 Manje, kukhona okuthize lapha okukimi nakulababazalwane. Niyabo? Okuthize lapha manje, uMoya oNgcwele. Manje, kholwani; nina, njengoba sedlula emgqeni.

Sonke asikhothamise amakhanda ethu sisakhulekela lababantu.

156 Manje Baba waseZulwini, sizobeka izandla zethu phezu kwalababantu. Futhi ngiyabakhulekela manje. Nazi izinceku zaKho ezethembekile zimi lapha, futhi sonke sizobeka izandla phezu kwabagulayo, ngoba Wathi akwenziwe. Sizokwenza eGameni likaJesu Kristu. Kwangathi abantu bangehuduleke nje bedlule, kodwa kwangathi bangeza bedlule bephiliswa ngeGama likaJesu Kristu. Amen!

157 INkosi ikubusise. Manje hamba wenyuke ngokusondela.

EGameni leNkosi uJesu, philisa . . . EGameni leNkosi uJesu, philisa umfowethu. EGameni leNkosi uJesu, philisa udadewethu.

158 Manje, umzuzu nje—nje, uyabo. Mfowethu, dadewethu, kungani nithokoze ngenkathi lowo wesifazane, ngenkathi kwenzeka ukubona okufihlakele, futhi ngenkathi kuza abanye bedlula akukho okwenziweyo na? Abantu bayedlula, "Awu, uma nginga...kunokubona okufihlakele, awu, manje-ke angitholanga lutho." Lokho akuhlangene nakho, Ulapha ngokufanayo nje. Niyabo?

159 Uma wedlula lapha, woza izandla zakho ziphakeme, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu. NgiyaKwemukela njengoMphilisi wami, futhi nje ngihamba nakho ngqo. Enye yalawa amadoda izongibhaphathiza, ngiyongena ngqo echibini lamanzi futhi ngibhaphathizwe, futhi ngiphume futhi ngazi ukuthi Wena wethembisile ukuthi ngizokwemukela uMoya oNgcwele."

160 Niyabo, ngu...Ukubona okufihlakele kusekhona. Kusekhona, kuyafana nje njenge...Lapha, yikuphi na? Lendoda lapha? Ngiyisihambi kuwe. Ngabe ngiyiso, mnumzane na? Angikwazi. Kunga...uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi yini inkathazo yakho, uzongikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, inceku yaKhe na? Uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Kulungile, mnumzane. Ngiyabonga, mnumzane. Lowo ngumoya omuhle kakhulu, into enhle kakhulu. Empeleni, umele omunye umuntu lapha. Kunjalo. "Ngumzukulu wakho, unepholiyo, wawa ngolunye usuku futhi wephuka umlenze wakhe," lowo ngu ISHO KANJE INKOSI! Kunjalo na? Kunjalo! Hamba futhi ukholwe manje, futhi uzosinda.

161 Manje, woza ukholwa, wonke nje umuntu, woza nje. [UMfowethu Branham nabefundisi bakhulekela abagulayo emgqeni womkhuleko—Umhl.]

Libusisiwe igoda elibophayo
Izinhliziyo zethu othandweni lobuKristu;
Inhlanganyelo yomqondo ofanayo
Injengalokho ngaphezulu.

Lapha phambi kwesihlalo sobukhosi sikaBaba
wethu,
Sithulula umkhuleko wethu weminjunju;
Ukwesaba kwethu, amathemba ethu, imigomo
yethu minye,
Izinduduzo zethu nomnako wethu.

162 Simi ngale, bancane abakaNkulunkulu, bantwana abakhubazekile, eniyizimpumputhe, abasontekile. Befundisi beVangeli, niyazi asinamandla okuphilisa. Kodwa iNkosi yethu eNkulu uJesu Kristu uthumela lezizibonakaliso, bese elahla udeveli onibophile. Siyamlahla udeveli...?...Siyabulahla ubumpumputhe...?...

163 EGameni likaJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu, sicela ukuthi uNkulunkulu uzobapha ukukholwa ukuba

bakholwe ukuthi umkhuleko wokukholwa usindisile abagulayo, noNkulunkulu uzobavusa, futhi bazosinda futhi. Siphe khona, Nkulunkulu uSomandla, ngeGama likaJesu Kristu.

164 Manje, nina bazalwane hambani nisuke lapho . . .? . . .

165 Nonke nina abanye yibani semkhulekweni manje, sisa . . . abefundisi bayabakhulekela, nabo, manje. Siyakhuleka, sibeke izandla.

166 Baba waseZulwini . . .

Kinina laphaya ezethamelini eningangenanga emgqeni womkhuleko, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye manje. Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye.

167 Baba wethu waseZulwini, siKulethela lezizethameli njengoba sesivala lenkonzo nalomkhankaso phansi kobufulege bukaJesu Kristu, omkhulu umPristi oMkhulu ogcotshiweyo kaNkulunkulu, uEmanuweli, emi, evusiwe kwabafileyo, ephilela njalo ukwenza izinxuselo; uBukhona baKhe obukhulu manje bunathi, Amandla aKhe angcwele phezu kwethu ukusenza sibone imibono, siprofethe, sibeke izandla phezu kwabagulayo. IZwi likaNkulunkulu elingehluleki lingeke neze labuyela kuYe-ze. Ngilahla bonke odeveli bokugula, onke amandla esono, konke ukungakholwa, eGameni likaJesu Kristu, kwangathi kungahlakazeka kusuke kubantu futhi kwangathi bangasindiswa.

168 Busisa lababafowethu abangabefundisi, Nkosi, njengoba bebuthene ndawonye nganhliziyonye nangazwi linye, nawo wonke umuntu nje webandla. O Nkulunkulu uSomandla, kuleMiddletown enkulu, eOhio, thumela imvuselelo emva kwalokhu, Nkosi, ezoshanela ngapha nangapha, ukuqoqana kwamathambo, Nkosi, nemisipha yesikhumba. Futhi kwangathi amandla kaNkulunkulu angavusa ibandla elihlangene elinamandla lapha kulelidolobha elizoshanela, ibandla eliyisibonelo, konke esizweni sonke, ukuba abantu bazongena kulelidolobha ukuba babone amandla kaNkulunkulu. Siphe khona, Nkosi. Philisa abagulayo nabahluphekile, sindisa abalahlekile, futhi uthole inkazimulo kuWe uqobo.

169 Siphe khona, ukuthi onke lamaduku namaphasela amancane okubekwe lapha . . . Ngiyakhuleka, Nkosi, ukuthi uMoya oNgcwele phezu kwethu, nakulendlu usigcoba, kwangathi bonke bangaphiliswa. Kulotshiwe eBhayibhelini ukuthi lapho uIsrayeli esendleleni yezinyawo yomsebenzi, besendleleni ebheke ezweni elithenjisiwe, ukuthi uLwandle oluBomvu lwangena endleleni. Nomunye wabalobi wathi, “UNkulunkulu wabuka phansi ngaleyoNsika yoMlilo noLwandle oluBomvu lwesaba lwase luhlehla, noIsrayeli waya ezweni elithenjisiwe elalethenjisiwe.”

170 Futhi manje, kuseBhayibhelini, kulotshiwe, “Bengingathanda phezu kwezinto zonke ukuba niphumelele ekuphileni.” Futhi uma lamaduku lifika kubantu, lapho uSathane ebeke uLwandle oluBomvu phambi kwabo, kwangathi uNkulunkulu angabuka phansi ngeGazi leNdodana yaKhe uqobo, uJesu Kristu, futhi alahle konke ukugula kulabo abangakwazanga ukufinyelela lapha; futhi kwangathi ukugula kungasuka futhi kwesabe iZwi likaNkulunkulu nesithembiso sikaNkulunkulu nogcobo lukaNkulunkulu, futhi kwangathi abantu bangedlulela kulesosithembiso esihle sokuphila okuhle nokuqina. Siphe khona, Nkosi. Futhi sinikela konke okwakho kuWe, eGameni leNdodana yaKho ethandekayo, uMsindisi wethu uJesu Kristu. Amen.

171 Zethameli, kuYena osazi sonke, kuYena owasivusa ukuba sibe yifa laKhe ezweni, ebandleni laKhe, kwangathi izibusiso zikaNkulunkulu ezicebile zingaba phezu kwenu nonke size sibonane futhi. Inkonzo yethu elandelayo, ngokwazi, izoba setabernakele, ngeSonto ekuseni, ngeSonto lePhasika ekuseni. Ngizobe-ke sengi. . .ngale eIllinois ukusuka lapho. Busiswani, nikhonze amabandla enu, nikhonze lamabandla amahle, bambani izinhliziyo zenu zibe ndawonye. Hlalani eZwini likaNkulunkulu! Philelani Yena, ngokuba izinto ezimbi ngokwesabekayo kulele phambi kwenu, nikukhumbule lokho!

172 Size sibonane, asime bese sicula.

> Ng’yaMthanda, ng’yaMthanda
> Ngoba Wangithanda kuqala.
> Wang’thengel’insindiso
> Emthini waseKalvari.

173 Manje, ngenhlonipho, xhawulana nomunye ngemuva kwakho, phambi kwakho, nasemaceleni akho.

> Ng’yaMthanda, (wonk’umuntu, manje), ng’yaMthanda
> Ngoba Wangithanda kuqala,
> Wang’thengel’insindiso
> Emthini waseKalvari.

174 Manje izandla zenu ziphakeme kuNkulunkulu, kakhulu ngempela manje, wonk’umuntu lenzeni lizwakale.

> Ng’yaMthanda, ng’yaMthanda
> Ngoba Wangithanda kuqala
> Wang’thengel’insindiso
> Emthini waseKalvari.

175 Asikhothamise ikhanda lethu manje.

> Size sibonane, size sibonane,
> Size sibonane ezinyaweni zikaJesu;

Khumbulani, abaningi bethu asisophinde sibonane futhi kuze kube ngaleyonkathi.

Size sibonane, size sibonane,
UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi.

176 Manje lihamisheni. [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha elithi *Ng'yaMthanda*—Umhl.] Umelusi wenu.

